## UMBONO, IZINHLOSO, OKUQONDIWE NAMAQHINGASU

Kuyothi kubabala kushaya owezi-2030 uMasipala WeSifunda iHarry Gwala uzoba ngophuma phambili ekuhlinzekeni ngamanzi esifundazweni iKwaZulu-Natal lapho imiphakathi yawo iyobe izuza emikhakheni yezolimo nezokungcebeleka ehlabahlosile.

## ISITATIMENDE SEZINHLOSO

Ukusebenzisana nemiphakathi yawo nababambiqhaza uMasipala WeSifunda iHarry Gwala uzoqinisekisa ukuthi uhlinzeka izinsizakalo zamanzi ahlanzekile, aphuzekayo angaphazamiseki kanye nezinsiza zenhlanzeko ezifanelekileyo futhi ulwele ukuthuthukisa imikhakha yezolimo nezokungcebeleka ukuqinisa isithunzi sabantu.

## IZIMISO EZINQALA

Ukuveza obala • Izibophezelo • Ukubonisana • Ukuzibophezela nokwethembeka



# Uhlu Lokuqukethwe


| | |
|---|---|
| Amazwi Okwandulela Omhleli | 04 |
| Amazwi Okwandulela kaMeya | 05 |
| Amazwi Okwandulela kaMeneja kaMasipala | 07 |
| UMasipala waseHarry Gwala uMkhandlu Omkhulu | 08 |
| IMeya inxusa ukungenelela kwamasonto njengoba kube nokudubula okudlule nemiphefumulo eli-13 ethaveni | 10 |
| Umjaho waseHarry Gwala ubonakala uzokwazi ukufukula umnotho | 12 |
| Isabelomali sonyaka wezi-2022/23 samukelwe | 14 |
| IKhansela uMdunge: Ukunakekela abantulayo akufanele kube yisibopho sikahulumeni kuphele. Nezinkampani azingenelele | 16 |
| Ukuqeqesha okuhlomisa amakhansela nezisebenzi zikaMasipala | 18 |
| Uvaleliswe ngesizotha uMandisa Sebenza | 19 |
| Ubuholi buzibambele mathupha buvakashela amaphrojekthi | 20 |
| IMEYA: “Abazali abakhombe indlela” | 21 |
| “Asenze okulungile ngisho kungekho osiqaphile” | 22 |
| ISikhulu Esiphezulu soPhiko Lwentuthuko eHarry Gwala siyisikhupekhuphe | 24 |
| IMeya uNxumalo ixoxisane namaKhosi | 25 |
| Uhlelo Lokusabalalisa Amanzi eHighflats | 26 |
| Umhlangano Wokufundisa ngeBatho Pele / Iprojekthi Yokuvikela Imithombo | 27 |
| AMAPROJEKTHI eSibonelelo Sengqalasizinda Sezinsizakalo Samanzi [WSIG] | 29 |
| Uhlelo Lukashwele | 32 |
| UMhlangano Wokubonisana Kwezokuxhumana | 33 |
| Imbizo Yomphakathi kuMasipla Wesifunda iHarry Gwala | 34 |
| Indawo elungele ukuba kusetshenzwe kuyo | 35 |

AMAZWI OKWANDULELA OMHLELI

# Ukuhlinzeka izinsizakalo nezinhlelo ezizayo zonyakamali wezi-2022/23



**UMnu uNdabezitha Tenza**
Umphathi Wezokuxhumana

SIPHINDA siyanamukela futhi oshicilelweni lwethu olunibikela ngokusha ngenqubekela phambili ngamaPhrojekthi kaMasipala njengoPhiko Lwamanzi Nenhlanzeko. Lesi sikhali sokuxhumana silolongwe kususelwa kumaphrojekthi aqediwe nakulawo asaqhubeka. Nokho lubuye lusikhanyisele ngamasu, inqubekela phambili ngokuhlinzekwa ngezinsizakalo ezizayo ngokwesabelomali sethu sonyakamali wezi-2022/23.

Ngaphandle kwalokho, sibuye sinazise ngezinhlelo zikaMasipala okuqondwe ngazo ukulekelela izisebenzi zikaMasipala kanye nemibungazo ngokwehlukana ngezinyanga nangezingqikithi zayo.

Bekulokhu kuba khona imihlangano yokubonisana eminingi okuqondwe ngayo ukuthuthukisa izisebenzi njengengxenye yokukhuphula uMasipala futhi nokuletha izinsizakalo ezisezingeni emiphakathini yethu.

UPhiko Lwezokuxhumana lube nomhlangano wokubonisana ukufundisa zonke izisebenzi ngezokuxhumana. Njengoba Ezokuxhumana ziyingxenye yanoma yisiphi isakhiwo esihlekile, kungaba esomphakathi noma esizimele, kusemqoka ukuthi izisebenzi zihlale zibuye ziqeqeshwe ngezikhathi ezithile mayelana nezindaba zezokuxhumana. Emnxeni kaHulumeni ezokuxhumana ziyisikhali esisemqoka sokulawula esibamba iqhaza elibalulekile leqhingasu ekutholeni ukuhlinzeka izinsizakalo ezisezingeni.

UMthetho Wokuhlinzeka Amakhono (Service Delivery Act [SDA]) uhlinzeka ukuthuthukisa ukusebenza kwezisebenzi kunoma iyiphi inhlangano. Ekulaleni lelo khwelo, uMnyango Wezinsizakalo wahlomisa izimeneja zophika lwezamabhizinisi nabangaphansi kwabo kuyo yonke iminyango ngoNhlangulana wezi-2022. AMakhansela kaMasipala nawo aqeqeshelwa ukuba akwazi ukusebenzisa ikhompiyutha. UMnyango Wezamanzi (Ukunakekela Amakhasimende) nawo ube nesithangami sokucobelelana ngolwazi ngemigomo iBatho Pele lapho izisebenzi bezikhunjuzwa khona ngobumqoka beqhaza elibanjwa yimigomo iBatho Pele (abantu kuqala) ekuhlinzekeni izinsizakalo.

Njengombuso osakhulayo, uHulumeni wethu uthathe imigomo eyisishiyagalombili ekhomba indlela ekuletheni izinsizakalo ezakhamuzini. Ukubonisana omunye wemigomo eyisishiyagalombili yeBatho Pele lapho izisebenzi zaseHarry Gwala zaqeqeshelwa kuwona. Umqondonjula osekela umgomo wokubonisana ngukuthi abantu kufanele bathintwe ngezinsizakalo ezizolethwa nguHulumeni futhi lezo zinsizakalo kufanele zihambisane nezidingo zabantu. Uma izinsizakalo zingahambisani nokudingwa ngabantu kuqubuka ukubukana ngeziqu zamehlo phakathi kwezakhiwo zikaHulumeni nezakhamuzi futhi kugcine kuholele ekukhonondeni okungapheli. Kunesidingo sokuthi izisebenzi zihlomiswa kusenesikhathi ukugwema izinkononda ngokuhlinzeka izinsizakalo okungenasidingo.

Njengengxenye yombuso osakhula uHulumeni wethu wenza Izimbizo njegeqhingasu lokuxoxisana nezakhamuzi. Izimbizo zithathwa njengesona sodwa isithangami uHulumeni asisebenzisayo ukuze abonisane nomphakathi ubuso nobuso. Sisanda kubamba Imbizo enkundleni yezemidlalo eKromhoek, kuWadi 20, kuMasipalaWendawo uMzimkhulu lapho sibone khona uSekela Ngqongqoshe Wezokuhlaliswa Kwabantu uPam Tshwete ehambisana nabanye oSekela Ngqongqoshe kubandakanya noSekela Ngqongqoshe Wezimbiwa Namandla uDkt uNobuhle Nkabane bedlana indlebe nabavoti.

Sivela kuyo iNyanga Yabasha lapho intsha ibikhuthazwa ngezinhlelo ezahlukene ukuba ibe yisibonelo emiphakathini ekuyo futhi ilandele ezinyathelweni zamaqhawe namaqhawekazi angoJune 16, 1976 anikela ngempilo yawo ukukhulula iNingizimu Afrika emakhamadeleni obandlululo. Enye yezinselelo imiphakathi yethu eminingi ebhekene nayo kuleli lizwe ukuziphatha budedengu okukhungethe ikakhulukazi intsha. Sibe noMkhankaso Woguquko Lokuziphatha obuse-Ufafa, ngaphansi kukaMasipala Wendawo uBuhlebezwe. Ngale mikhankaso sifuna ukufinyelela emiphakathini eminingi ngokwamandla ethu ngezinhloso zokuvuselela onembeza.

Sesiphetha, sinxusa imiphakathi ukuba ibambisane noMasipala ikhokhe imali yezinsizakalo. Ukukhokha imali yezinsizakalo akukhiphi nje kuphela igama lomkhokhimarethi ezindabeni zezikweletu kodwa kusiza ukufukula ingenisomali likaMasipala elisebenza ukuxhasa ngemali izinsizakalo ezilethelwa imiphakathi yethu. KunoHlelo Lukashwele oluhlinzekwa nguMasipala abantu abagqugquzelwa ukuba balusebenzise. Ngokuzithoba sinxusa izakhamuzi zaseHarry Gwala ukuba zisebenzise amanzi ngokonga.

Ungasithola ezinkundleni zokuxhumana njengoFacebook kanye nakuso isizindalwazi.

**NKS UNONTUTHUKO NGUBANE**
UMXHUMANISI KAMASIPALA NOLUNTU (PRO)





**UMNU UMQONDISI DUMA**
UMNCEDISI WOKUPHATHWA KWEZOKUXHUMANA

AMAZWI OKWANDULELA KAMEYA

# Umbiko weMeya kaMasipala Wesifunda iHarry Gwala

Ngiyanibingelela

NJENGOBA kuqala unyakamali wezi-2022/23 ngethemba ukuthi sizoqhubeka sisebenzisane njengoba kade kwenzeka ngesikhathi seMibukiso yeZinhlelo Zentuthuko Ezididiyelwe lapho imiphakathi yakuMasipala Wesifunda iHarry Gwala ize ngobiningi bayo izoveza lokho okuyikhathazayo kanye nezinselelo okufanele kubekwe eqhulwini ukuze iHarry Gwala kube yindawo engcono.

Ngakho-ke, ukuze izinselelo neziphakamiso enazenza ziqhubeke ngempumelelo nginxusa wonke umuntu ukuba aqhubeke nokubamba iqhaza ekuqinisekiseni ukuthi uMasipala usahamba kahle ekuzuzeni noma ekufezeni okunikhathazayo nezinselelo ezaphakanyiswa yimiphakathi yethu.

Njengakuso isikhungo esilawula amanzi nenhlanzeko, kusezandleni zenu njengemiphakathi ukuqinisekisa ukuthi ukusabalaliswa kwamanzi ezindaweni zenu kwenziwa futhi kuhla kulawulwa ngoba ngeke safinyelela kinina nonke ngesikhathi esidingeka ngaso ukuba sifinyelele siyiSifunda ngenxa yobubanzi bendawo kodwa izingcingo nokuxhumana okuhla kukhona kuzophendulwa ngokushesha lapho sizobhekana nesicelo futhi sibhale phansi ezinye izinselelo enibhekana nazo ngokwenu.


Uma kwenzeka niyimiphakathi ningalutholi usizo futhi futhi kungekho mpendulo ngokushesha, ihhovis lami nngiyiMeya yenu lihlala livulekile futhi sizophendula izingcingo zenu lapho nidlulisa izikhalo noma okunikhathazayo noma nifuna inamba yami luqobo uma sekunesidingo esinqala.

Asenzanga konke ebesifisa ukukwenza nokho okuningi kufeziwe ngokubambisana nobeyiMeneja kaMasipala u-A.N. Dlamini osebenze ngokuzikhandla nabaphathi bonke kanye nezikhulu ukuze kuthuthuke iHarry Gwala.

Kungalesi sizathu ukuthi sidinga ukudlulisa ukubonga kwethu kuye ngokuzikhandla kwakhefuthi simfisela konke okuhle emizaweni yakhe emisha ayiqalayo.

IMeneja kaMasipala yethu ehlala isothini uThobile MaThiyane Magaqa uthathe lapho egcine khona ngethemba lokuthi uzosebenzisana nani eduze niyimiphakathi kuze kuba uMasipala uthola ozongena esikhundleni sikaNkk uDlamini.

Ushicilelo lwethu lokuqala lolu, kulona sinethulula ezintsha ngenqubekela phambili ngamaphrojekthi, iningi lawo lihanjelwe futhi lalawulwa yihhovisi lami kanye nehhovisi likaSomlomo uKhansela uSibongiseni Mdunge kanye nezimeneja nezikhulu ezifanele ukuqinisekisa ukuthi okuqoshwe emibikweni yethu kuyahambisana nokwenzeka emiphakathini.



**UMhlonishwa, uMeya uKhansela uZ.D Nxumalo**

**Sibe nezinhlelo eziningana lapho iSifunda sethu besihanjelwe abahlonishwa oSekela Ngqongqoshe ukuzizwela bona ngokwabo izakhamuzi njengengxenye yeNsuselwakuyo Intuthuko Yesifunda [District Development Model (DDM)] okuhloswe ngayo ukuphuthumisa ukuhlinzeka izinsizakalo ezindaweni zasemakhaya.**

Kulo mqulu siveza okusemqoka ngenkonzo yesikhumbuzo eseSifundeni yabantu abali-13, abadabuka eMzimkhulu, okusolwa ukuthi babulawe oshayasibhamu abavulele ngenhlamvu ngaphakathi endaweni yokucisha ukoma [ithaveni] eSoweto esifundazweni iGauteng.

Sibe nezinhlelo eziningana lapho iSifunda sethu besihanjelwe abahlonishwa oSekela Ngqongqoshe




ukuzizwela bona ngokwabo izakhamuzi njengengxenye yeNsuselwakuyo Intuthuko Yesifunda [District Development Model (DDM)] okuhloswe ngayo ukuphuthumisa ukuhlinzeka izinsizakalo ezindaweni zasemakhaya.

Sibuye siziqhenye ngokumemezela ukuthi isabelomali nonyakamali wezi-2022/23 wamukelwe ngaphandle kokuphikiswa ngenxa yokubonisana nomphakathi kanye noMkhandlu Womdabu.

Lesi sabelomali sihle sifanelekile futhi sinikeza ingeniso elilindelekile ukuze kuzuzwe okuseqhulwini ukuhlinzeka izinsizakalo okungumongo njengoba kubekwe kulo uHlelo Lwentuthuko Oludidiyelwe.

Ngaphezu kwalokho, sibuye sabeka izinhlelo endaweni efanele okufaka nokuphuthumisa ukufakwa kwamamitha ekhadi, ukuqda ukuxhuma ugesi ngokungemthetho kanye nezindlela zokuqoqa izikweletu.

Siyajabula ukumemezela ukuthi, ngokubonisana okunzulu, sizebenzisa okuningi okufana nemisakazo yomphakathi noma yesifundazwe, izinkundla zokuxhumana nemihlangano yemiphakathi, abantu beSifunda sethu bazibandakanye ngokugcwele enqubeni ye-IDP noma yeSabelomali.

Ngesikhathi kwethulwa iMedium-Term Budget Policy Statement (MTBPS) ngoNhlolanja uNgqongqoshe Wezezimali u-Enoch Godongwana, wabalula ukuthi izwe lethu selihlale esimweni esisodwa sezomnotho ngaphezu kweminyaka elishumi. Le nselelo yezomnotho obanzi ilokhu ichaphazela amandla kaHulumeni okukwazi ukwaba imali eyanele yengqalasizinda. Abantu abzwela kakhulu kulokhu yilabo abadla imbuya ngothi. Lokhu kuyavela ekwabiweni okunganele kwezimali zengqalasizinda yomasipala njengeHarry Gwala, ababhekene nokusalela emuva kwengqalasizinda okwakukhona kudala nosekunesikhathi eside.

Isimo siya ngokuba sibi ngengxube yezinto, okubandakanya abantu okuqoqwa kubo ingenisomali ukuthi lincane ngoba abantu eSifundeni sethu bayazabalaza tkuba baziphilise. Enye inkinga okungafanele sibe namahloni okukhuluma ngayo eyokuthi kukhona abangakwazi ukukhokha kodwa abalokthi bakhokhele izinsizakalo abazithola komasipala bethu. NjengoHulumeni sinesibopho esinqala sokuhlinzeka izinsizakalo zenhlalo emiphakathini yethu. Labo abazitholayo izinsizakalo uma benamandla okukhokha, kufanele bakhokhe.

Kufanelekuqashelwe ukuthi ngaphezu kweminyaka emithathu edlule sithole umbiko owanelisayo kuMcwaningimabhuku Jikelele okukhombisa ukuthi siyazibophezela futhi siphatha kahle. kuyaphoqa ukuba sibambisane futhi siqinisekise ukuthi siyawuthuthukisa umbiko wezezimali ukuze sizuze ongenagcobho.

## INyanga Yentsha

Sibungaze uSuku Lwentsha mhla zili-16 kuNhlangulana. Siyaziqonda izinselelo intsha yanamuhla ebhekene nazo kodwa iSifunda singathanda ukusebenzisana nentsha ukuze kuzuzwe izinhloso. Izindaba zentsha zilawulwa kahle yiHhovisi Lentsha.

UMnu uQiniso Mnguni ohola ihhovisi lentsha kuMasipala wethu ubhekana nezindaba zentsha nsuku zonke. Sikhuthaza intsha ukuba ilisebenzise ihhovisi layo.

## ISikhulu Esiphezulu esisha seHGDA

Sibuye sihalalisele iSikhulu Esiphezulu esisanda kuqashwa seHarry Gwala Development Agency (HGDA) u-Antoinette Whyte abe yingxenye yethu, eshiya umsebenzi omuhle abesewuqalile komunye woMasipala bethu iGreater Kokstad Municipality. Lo Masipala uyisibonelo esiqhakazile sokuphatha kahle ezingeni loHulumeni bendawo, ezweni lonke. Uphuma phambili lo Masipala esifundazweni ube ngowesishiyagalolunye kuzwelonke njengomMasipala ozinzile futhi osebenzisa ngendlela izimali.

Sethemba ukuthi amava anawo azosiza ukuthatha lesi Sifunda asise phambili ukuqinisekisa izinsizakalo ezingcono emiphakathini yethu.

Siyabonga.

AMAZWI OKWANDULELA KAMENEJA KAMASIPALA

# Ngokusebenzisana singazuza okwengeziwe



**UNkk uThobile Thelma Thiyane-Magaqa**
iBambelameneja kuMasipala

ANGAMUKELE imiphakathi yethu oshicilelweni lwethu lokuqala lweBhukwanambiko likaMasipala Wesifunda iHarry Gwala lonyakamali wezi-2022/2023. NjengeBambelameneja kaMasipala, ngizothanda ukuqala ngokuzithoba, ukubonga, ukuthakasela nokuhalalisela owayeyiMeneja kaMasipala uNkk u-A. N. Dlamini, ongasasebenzi kuMasipala emveni kokuba esesulile. UNkk uDlamini usebenzele uMasipala Wesifunda ngokweqophelo eliphezulu iminyaka engama-20 futhi ube nezikhundla eziningi esikhathini sakhe sokusebenzela uMasipala, njengokuba yiMeneja yePims, iMeneja ye-IDP futhi waba nguMqondisi Ophezulu eMinyangweni Yezinsizakalo Zomnotho Nomphakathi. Ubuye futhi waba yiBambelameneja okwakuwuMasipala Wendawo uKwaSani, osuwaguqula igama futhi manje osowaziwa ngokuthi uMasipala Wendawo iDr. Nkosazana Dlamini-Zuma emveni kokuhlanganiswa koMasipala Bendawo iKwaSani neCreighton okungomasipala ababili kwabane abangena ngaphansi kolawulo lukaMasipala Wesifunda iHarry Gwala.

UMqondisi Ophezulu Wezinsizakalo Kwezokusebenza uNks uN. Lungwengwe naye uhambile kuMasipala Wesifunda emveni kokuthola isikhundla sokuba nguMqondisi Omkhulu kweZokuphathwa Kokuqashwa Kwabantu eMnyangweni Wezokuthutha e-Eastern Cape. IHarry Gwala Development Agency (HGDA) isanda kuqasha iSikhulu Esiphezulu uNks. u-A. Whyte oqale emsebenzini wakhe mhla lulu-1 kuNtulikazi 2022.

UMasipala Wesifunda ungene kunyakamali wezi-2022/2023 ngomoya wokuvuselela nokuqhubezela ukuhlinzeka izinsizakalo zikamasipala kubantu. NjengoHulumeni Wendawo esikulobizelayo ukuba sithobele uMthethosisekelo kanye nokulandela yonke imiyalelo nezakhiwo zemithetho elawula uHulumeni Wendawo owakha isimo esivumela ukuba kuzuzwe ukuthobela umasipala. Iqhaza elibanjwa isikhulu esiphendulayo ukuba sihlinzeke ukwelekelela, ukuqondisa nokweluleka izakhiwo zepolitiki, abasezikhundleni ngokwepolitiki, izakhiwo zokulawula kumasipala, ukuphatha nokuhlinzeka izinsizakalo. ISigaba 152 (1) (b) soMthethosisekelo sibalula ukuthi enye yezinhloso zikaHulumeni Wendawo ukuqinisekisa ukulethwa kwezinsizakalo emiphakathini ngendlela esimeme. Lokhu kubuye kulethe ukuzuza ukuhlinzeka izinsizakalo kubantu.

UMasipala wethu uhlinzeka izinsizakalo zamanzi ahlanzekile, aphuzekayo futhi ubuye unqobe ukusalela emuva kwezamanzi nenhlanzeko ezindaweni zethu ezisemakhaya lapho iningi labantu lihlala khona. NjengoMasipala Wesifunda sifuna ukusebenzisana njengomndeni womasipala siyimbumba ukuqinisekisa ukuthi kuhlala kukhona ukuhlinzeka ngezinsizakalo okusimemeyo, ukukhuthaza intuthuko yenhlalo neyozomnotho kanye nokuzibandakanya ezindabeni eziphathelene noHulumeni Wendawo.

Njengesidingo sezemithetho uMasipala wethu usebenza ngaphansi kweziqondiso zoHlaka Lwentuthuko Oludidiyelayo (IDP) kanye neSabelomali Sonyaka esihlahla okuseqhulwini entuthukweni kaMasipala kanye nokufanele kuzuziwe kuhlinzekwa izinsizakalo. Isabelomali sethu sakhiwe ngendlela yokuthi siqonde ngqo ekuhlangabezaneni nokuzozuzwa ngokulandelana kwakho. IService Delivery and Budget Implementation Plan (SDBIP) isivunywe uMkhandlu kulo nyakamali futhi kwakhelwa phezu kwakho ukulawula ukusebenza kwesabelomali sikaMasipala nese-IDP. NjengoMasipala Wesifunda besihlala silokhu sizibophezele ekulungiseleleni i-IDP yethu ngokubonisana nemiphakathi bomasipala bendawo sisebenzisa izithangami ze-IDP. Imiphakathi iba yingxenye yeZimbizo ze-IDP noma zeSabelomali ukuze iphawule futhi ibeke imibono ngokuqondiwe ekuhlinzekeni izinsizakalo.

Ushicilelo lweBhukwanambiko lusebenza njengesikhali sokuxhumana ukwazisa imiphakathi yethu ngemisebenzi elokhu iqhutshekwa yenziwa nguMasipala ukuhlangabezana nokufanele kuzuzwe nokufeza iziyalelo zoMthethosisekelo.

IBhukwanazindaba lethu lineMarathoni yeHarry Gwala ebe yimpumelelo enkulu futhi esimiselwe ukuthi izoba ngumcimbi oqhubeka iminyaka yonke efuna ukubeke iSifunda ebalazweni lezemidlalo. Ibuye ifukule umnotho weSifunda njengoba izethameli nezihambeli ziheha ababa yingxenye yabagijimi baba baningi bevela ngaphakathi naseduze neSifunda nakuyo yonke iKZN. Abagijimi abangamakhulu ayisikhombisa (700) abe yingxenye emijahweni ehlukene. Ngasohlangothi lwabaholi bomdabu uMkhandlu Wesifunda iHarry Gwala inaBaholi Bomdabu ababili (2) abahola futhi babambe iqhaza ekugqugquzeleni ukuthi isitatimende sombono kanye nezinhloso seSifunda siyafezwa.

ISifunda sethu samukele isabelomali sonyakamali wezi-2022/2023 eBulwer kuMasipala Wendawo iDr. Nkosazana Dlamini-Zuma ngesikhathi kuvulwa umhlangano woMkhandlu.

Sengiphetha, intshisekelo enginayo njengeBambelameneja likaMasipala ukuba ngisimamise umunxa wokulawula ukuze ngihlangabezane nezidingo zoMkhandlu futhi ngigqugquzele imiphakathi eseSifundeni sethu ukuba sisebenze ngokubambisana ekubhekaneni nezinselelo zentuthuko ukuze ukuhlinzeka izinsizakalo kubantu kusheshe. Ngiyabonga.

## BAQONDISI ABAPHEZULU



**MR. MTHETHUNZIMA MKATU**
Chief Financial Officer



**MR DAVID BHEKI MAKWAKWA**
Infrastructure Services



**MRS. THOBILE THELMA THIYANE-MAGAQA**
Social Services and Development Planning



**MR DUMISANI SANDILE GQIBA**
Water Services



**Bathwetshulwe ngesikhathi sokukhanyisa amakhandlela enkonzweni yesikhumbuzo, bekunomunye wamalungu omndeni oshonelwe, uMfundisi futhi onguSomlomo kuMasipla Wesifunda iHarry Gwala iKhansela uS. Mdunge.**



**Ubuholi buhuba iculo lesizwe enkonzweni yesikhumbuzo, kusuka kwesokunxele iMeya yaseMzimkhulu iKhansela uJ. Msiya, iMeya yaseHarry Gwala uKhansela uZ.D Nxumalo, noNdunankulu waKwaZulu-Natal uSihle Zikalala.**

IMEYA Yesifunda iHarry Gwala uKhansela uZ.D. Nxumalo usenxuse amasonto namabandla ehlukene ukuba babeke iSifunda sakhe emithandazweni ngenxa yezigameko.

UKhansela uNxumalo unxuse ukungenelela okungcwele ukuba kwehlele esifundeni ekuqubukeni kwesigameko sakamuva lapho oshayasibhamu okubikwa ukuthi badubule abantu ethaveni eSoweto eSifundeni iGauteng Province, kushiya abagilwa abali-13 beshonile abangobokudabuka eMmzimkhulu.

Inkonzo yesikhumbuzo, ebibanjelwe eMzimkhulu kamuva, ibihanjelwe uNdunankulu waKwaZulu-Natal uSihle Zikalala lapho bekuqhuma khona isililo ehholo ebeligcwele phama.

Inkonzo yesikhumbuzo ibibanjelwe eSayini TVET College eMzimkhulu kunamaphoyisa abehlome ephelele ezungeze ihholo.

Ukhansela uNxumalo Kwabadabukisa ukuzwa ikuthi abagilwa baya eGoli ngoba befuna umsebenzi njengoba isifunda sakhe siyingxenye yalezo ezinezinselelo zokuntuleka kwemisebenzi.

"Lokhu kuwuphawu olusobala lokuthi sonke kufanele silusukumele udaba lokuntuleka kwemisebenzi ukuze sinciphise inani labantu abahambayo ezindaweni zasemakhaya liya emadolobheni ukuyofuna amathuba omsebenzi ukuze bondle imindeni yabo. Kufanele sakhe isimo lapho abantu besuka khona emakhaya bezithandela ukuya emadolobheni hhayi ngoba beyohlwaya amathuba emisebenzi," kusho iKhansela uNxumalo.

Uthe iSifunda sakhe sinonile kwezolimo kodwa bambalwa abahlomula ngokusebenzisa umhlaba, engeza ngokuthi iSifunda sihlabela phambili ekuqinisekiseni ukuthi intsha iyangena emkhakheni wezolimo.

Uthe njengeSifunda babukela eduze inhlekelele kagesi eholela ekucinyweni ngenxa yokonga ugesi okubuye kukhinyabeze umnotho wabo okhulayo kancane kancane njengoba amabhizinisi endawo ethineka impela.

"Manje sibheka izindlela zokuzikhiqizela ugesi wethu kodwa lokho kuzokwenzeka kuhambisana nemithetho yezwe ukuhlola ukuthi uMasipala wethu ungaba nawo yini amandla azodingeka esizokubona ngesikhathi sicwaninga," kusho iKhansela uNxumalo.

Wengeze ngokuthi abakaze bahlangabezane nokufa kwabantu abaningi kangaka kusukela ngowezi-2017 futhi izigameko ezinjalo zaphela emveni kokuba iSifunda sabamba inikhuleko yonke indawo, okuwukuthi uSomandla ubengakubona futhi manje badinga ukuba bahlale bekhuleka. Uthi lokhu kwenzeka ngesikhathi iSifunda sizilele labo ababhubha engozini yetekisi kamuva eyadlula nemiphefumulo ebalelwa ema-20 futhi okuningi labo babedabuka eMzimkhulu.

UNxumalo uthe bekudabukisa kabi ukuthi abagilwa bebye eGoli ukuyofuna amathuba omsebenzi ukuze banakekele imindeni yabo kodwa babuya sebethwelwe ngamabhokisi.

UNdunankulu uZikalala, uthe lokhu bekungezinye zezigameko "ezibuhlungu ngokweqile" esezike zahlangabezana nabantu baKwaZulu-Natal.

"Sinesikhungo esilawula uphuzo eKZN esisebenza iKZN yonke, yize kunjalo lokhu kwenzeke eGauteng. Sizoqhubeka siqinise futhi sisebenzise imithetho yokuthi amathaveni avala ngesikhathi. Kunezikhathi ezibekelwe onke amathaveni ukuba avale ngazo. Akubeki engcupheni kuphela ukuba abantu bangabulawa kodwa ngisho nokungahlaliseki enhlalweni ngoba lokhu kuthinta yonke imiphakathi," kusho uZikalala.

**Abashonile:**

1. uSithembiso Mjolo, 2. uLuyanda Mjolo, 3. uNhlonipho Mbanjwa, 4. uNkosiyezwe Malunga, 5. uThamsanqa Malunga, 6. uSphethuxolo Chiliza, 7. uMenzi Ndzimande, 8. uMlondi Ndlangisa, 9. uPhilani Mngonyama, 10. uSibongiseni Jokazi, 11. uSibonelo Ngubane, 12. uNjabulo Dlangisa, 13. uSifiso Cromwell Sosibo.



**IMeya yaseHarry Gwala uKhansela uZ.D Nxumalo eduduza elinye lamalungu omndeni oshonelwe enkonzweni yesikhumbuzo ebanjelwe eMzimkhulu.**



**iMeya yaseHarry Gwala uKhansela uZ.D Nxumalo ikhuluma enkonzweni yesikhumbuzo.**



**UNdunankulu uSihle Zikalala ekhuluma enkonzweni yesikhumbuzo.**




**Ukusuka kweHarry Gwala Marathon lapho wonke umuntu enovalo futhi ecabanga ejula ukuthi kazi uyoqeda yini.**

# Umjaho waseHarry Gwala ubonakala uzokwazi ukufukula umnotho

UMASIPALA Wesifunda iHarry Gwala unokuzethemba ukuthi umjaho, wakamuva iHarry Gwala District Marathon, uya ngokudlondlobala futhi ibonakala izokwazi ukufukula umnotho wesifunda kulandela ukwethanyelwa kwayo okuthembisayo, okudonse abagijimi abaningi abangenele umjaho okwenze ubuholi bendawo nobesifundazwe buthakasile.

IMeya Yesifunda iHarry Gwala uKhansela uZ.D. Nxumalo wayekholwa wukuthi umjaho ngabe isihambe ibanga elide kabi ukuba akuzange kube nekhefu leminyaka emibili ngenxa yokhuvethe okubuye kwathikameza ngisho nabaxhasi ngenxa yokwehla kwamandla omnotho nokubuye kwashaya kakhulu amabhizinisi amaningi.

UKhansela uNxumalo uthe: "Ngijabule kakhulu ukuthi emveni kokuthi imihlangano ibinqatshelwe ukuze kuhanjiswane nemibandela yokhuvethe abantu bakhombise enkulu intshisekelo ekubambeni iqhaza emjahweni ngenkulu intakaso nentshisekelo ngokubuya kwemarathoni kanjalo namabhizinisi ehlangana ethembisa ukulekelela kuqhutshekwa kuyiwa phambili."

Nokho, umjaho walo nyaka kube nabagijimi abangama-700 abawungenele ababe nokuncintisana okusezingeni eliphezulu eminxeni emithathu okuyilena: u-42,2 km, u-21 km no-10 km.

Umjaho u-42,2 km uqale eHighflats eXobho uya eMzimkhulu kwathi u-21km waqala eXobho waya eMzimkhulu kanti u-10km uqale phakathi kwe-Ixopo noMzimkhulu.



**IMeya yaseHarry Gwala uKhansela uZ.D Nxumalo noMphathiswa Wezemidlalo, Ubuciko Namasiko uHlengiwe Mavimbela bahalilesela abanqobile u-Ayanda Ngcobo obengowokuqala enoNdumiso Sokhela ophume isibili.**

UMnyango Wezemidlalo, Ubuciko Namasiko waKwaZulu-Natal iwona obe ngumxhasi omkhulu ngethemba lokuthi namabhizinisi azimele nawo azobamba iqhaza kumjaho yangonyaka ozayo.



UDkt. uSibongiseni Dhlomo, ilungu lePhalamende, ubejabule eqeda umjaho.



IZimeya zihambele iMarathoni, kusuka kwesokunxele iMeya yaseMzimkhulu iKhansela uJ. Msiya, iMeya yaseBuhlebezwe uB. Ngubo, iMeya uZ.D. Nxumalo neBambelameneja LikaMasipala uNkk uThobile Thelma uMaThiyane Magaqa.




IMarathoni Yesifunda iHarry Gwala ibe yimpumelelo, bekukhona abezizinda zokusabalalisa izindaba ezingaphezu kwama-20 futhi bafakana imilomo nezimeya kanye nabagijimi.








UMphathiswa woMnyango uHlengiwe Mavimbela ube yingxenye yomcimbi obone impumelelo yale umjaho.

USekela Ngqongqoshe woMnyango Wezempilo Kuzwelonke uDkt uSibongiseni Dhlomo naye ube yingxenye yomjaho.

UMphathiswa uMavimbela wenanele imizwelo kaKhansela uNxumalo yokuthi; "Bekuyintokozo ukubona abantu beza ngobuningi babo bezosela umjaho emveni kwezikhathi ezinzima ngenxa yokhuvethe." Uthe lokhu kuyingxenye yokweseka amabhizinisi endawo ukusebenza kwawo kwaphazanyiswa imithetho yokhuvethe nokwaholela ekwehleni kwengenisomali noma inzuzo kwansuku zonke.

"Sifuna ukubheka yonke iminxa ukuqinisekisa ukuthi amabhizinisi abuyela esimweni esejwayelekile futhi ayaqhubeka nokubamba iqhaza ekwakheni amathuba omsebenzi," kusho uMpahthiswa uMavimbela. Uthe ngaphandle kokuthi umjaho ifukula umnotho wamabhizinisi endawo futhi ingaba yisikhali sokufukula ezokuvakasha.

Insizwa yasenhla neKwaZulu-Natal, u-Ayanda Ngcobo uqophe igama lakhe ngokunqoba umjaho u-42,2 km ehlomula ngomklomelo wezi-R50 000. UNdumiso Sokhela ulale isibili kwathi uTommy Skink waba ngowesithathu.

UNgcobo uthi usebenze kanzima ukuze anqobe lo mjaho ukuze aqinisekise ukuthi abagijimi abavela kwamanye amazwe abawunqobi njengoba bekuhlala kuyinhlayenza kunqoba umgijimi waseLesotho.

Uthe ukunqoba kwakhe kubuye kumele iSifunda iHarry Gwala njengengxenye yesifundazwe iKwaZulu-Natal. Emkhakheni wabesifazane umjaho u-42.2 km unqotshwe nguJennifer Koech waseKenya. UMakhosi Mhlongo wangena isibili ezithendeni zakhe kunguLisa Collett.

IZimeya zoMasipala uMzimkhulu, uBuhlebezwe neDr Nkosazana Dlamini Zuma zihalalisele abanqobile.

## ABANQOBI

### ku-42.2 km

| Abesilisa | Abesifazane |
|---|---|
| 1. u-Ayanda Ngcobo - 2:18:08 | 1. uJennifer Koech - 2:58: 25 |
| 2. uNdumiso Sokhela - 2:18:09 | 2. uMakhosi Mhlongo - 3:03:05 |
| 3. uTonny Skink - 2:20:04 | 3. uLisa Collett - 3:03:30 |

### ku-21 km

| Abesilisa | Abesifazane |
|---|---|
| 1. uJobo Khatoane - 1:02:12 | 1. uMolulubele Makatisi - 1:12:09 |
| 2. u-Elvis Tau - 1:02:56 | 2. uMethakane Letsie - 1:13:52 |
| 3. uMfundo Chagwe - 1:03:29 | 3. uJenet Mbhele - 1:14:29 |

### ku-10 km

| Abesilisa | Abesifazane |
|---|---|
| 1. uSiyabonga Ndovu - 0:28:06 | 1. uBathobile Mkhize - 0:34:54 |
| 2. u-Ath - 0:28:40 | 2. uMafole Elelloang - 0:35:27 |
| 3. uKamohelo Mafolo - 0:28:56 | 3. uReitumetse Thethana - 0:37:47 |





**IMeya Yesifunda iHarry Gwala iKhansela uZ.D. Nxumalo, uSomlomo Womkhandlu iKhansela uS. Mdunge neBambelameneja LikaMasipala uThobile MaThiyane Magaqa bebe yingxenye yezicukuthwane ezibambe iqhaza kakhulu ekuphenduleni imibuzo ebiphakanyiswa yizibukeli nababambiqhaza.**

ISABELOMALI esiyizigidi ezingama-R865,7 sonyakamali wezi-2022/23 sisanda kwamukelwa uMkhandlu kaMasipala Wesifunda iHarry Gwala Council. Isabelomali sonyakamali samukelwa eBulwer ngaphansi kukaMasipala Wendawo iDr Nkosazana Dlamini-Zuma, owawuhanjelwe ababambiqhaza abafanele abakholwa ngukuthi isabelomali sihambisana ngqo nezinselelo zomphakathi emazingeni okuqala.

Ngesikhathi sokwamukela isabelomali kubonakale idamu laseBulwer lezigidi ezingama-R600 liphoqa uMasipala Wesifunda iHarry Gwala ukuba wabele isixha esikhulu sawo sengqalasizinda uMasipala Wendawo iDr Nkosazana Dlamini Zuma.

Lokhu kuvele emveni kokuba iMeya kaMasipala Wesifunda iHarry Gwala uZamokwakhe Nxumalo, ngenkathi ethula isabelomali, eveze futhi wacacisa ukuthi kungani uMasipala Wendawo iDr Nkosazana Dlamini-Zuma ibonakala ngathi ithola isabelo esikhulu sesabelomali seSifunda, kuqhathaniswa nabanye omasipala bendawo.

Idamu laseBulwer lizoxhaswa uMnyango Wamanzi Nenhlanzeko kuzwelonke njengoba limiselwe ukuba lilekelele futhi libe yisixazululo saphakade eSifundeni. Lizosabalalisa amanzi ngisho naseZifundeni ezingomakhelwano njengeSifunda Ugu.

Lokhu kuzokongela imali uMasipala Wesifunda njengoba uMasipala ukhokhela amadamu kubalimi abaseduze njengalekelelayo ngezikhathi zesomiso.

Ekhuluma esehholo laseBulwer Hall mahl zingama-27 kuNhlaba ngesikhathi kunomhlangano ovulekile woMkhandlu, uNxumalo uthe iprhojekthi  would start beizoqala ngaphambi kukaNhlangulana ngonyaka ozayo.

"Lokhu kwacha ingxenye yamaphrojekthi ethu ukuba anyakazise amaphrojekthi endawo emalungiselelweni azofaka amanye amaphrojekthi alungiswayo," kusho uNxumalo.

Ungezelele ngokuthi ukuxoxisana ngephrojekthi kuvunyiwe nguHulumeni kazwelonke futhi sekusezingeni lokuphothula izingxoxo.

Uveze ukuthi lokhu kungumshikashika wokuqinisekisa ukuthi baba yiSifunda esihamba phambili mayelana nokuhlinzeka amanzi ezweni ngoba banezinhlelo zokuba nesizinda sokuhlola nesokuhlanza amanzi eSifundeni khona bengezukukhothamela Umngeni Water ukuhlola isimo samanzi abo.

Amaqembu aphikisayo akuncomile ukwamukelwa kwesabelomali kodwa iDemocratic Alliance yanqaphaza ngokwenyusa intela ngamaphesenti ayisithupha.

IMeya ithe, "Yize siwuMasipala obenelelwa ngokuxhaswa ngezimali, bangasemakhaya kakhulu abanalo ukuqoqwa kwengenisomali okufanelekile Njengoba uMasipala ukweletwa yimiphakathi imali yamarethi eyizigidi ezingama-R239." Iqembu iDA lengeze ngokuthi amarethi kufanele abenobulungiswa, kucatshangwa ubunjalo bukaMasipala kanye nesimo sezimali samanje.

UNxumalo uthe bafuna ukuqoqa okungenani ama-40% emali ekweletwayo ezigidini ezingama-R239. Ukwabiwa kwemali yengqalasizinda komasipala ngokomthetho wokwabiwa kwengenisomali kumi kanje: UMasipala iGreater Kokstad (R35 000 000), uBuhlebezwe (R70 000 000), uMzimkhulu (R101 000 000) neDr Nkosazana Dlamini-Zuma (R113 000 000).







**Ezinye zezicukuthwane kubandakanya neZimeya noSomlomo abavela koMasipala beSifunda iHarry Gwala babe yingxenye yabamukele isabelomali kulo mcimbi obe yimpumelelo.**




**USomlomo iKhansela uSibongiseni Mdunge enoPhiko Lwezinhlekelele leSifunda noMzimkhulu elethe ukudla emndenini.**





**Isimo sendlu ehlala abantu abalishumu nane.**

USOMLOMO kaMasipala Wesifunda iHarry Gwala iKhansela uSibongiseni Mdunge usenxuse abezinkampani ezizimele ukuba bengasongi izandla uma sekuziwa ekutholeni izixazululo ezinselelweni ezibhekene nomphakathi kodwa kufanele babambisane futhi banikele nganoma yiluphi usizo olungalekelela ukuba bathole ukudla labo abantulayo.

IKhansela uMdunge uhlabe leli khwela ngesikhathi ehambele umndeni onamalunga ayishumi nane (14), ohlala endlini enamakamelo amabili. Nohlala ngaphansi kwezimo ezingamukeleki futhi ezingafanelekile, eMzimkhulu lapho babuye banikela ngegrosa.

Lo mndeni wahlonzwa ngenkathi sezinhlelo zomkhankaso zokhetho olwedlule futhi ubuye wafakwa kulabo okufanele balandele yonke imigudu.

Kutholakale ukuthi lo mndeni uhlala endlini enamagumbi amabili kanti kunomunye umndeni wezingane ezinhlanu ezihlala ngazodwa kungekho lutho oludliwayo.

USomlomo iKhansela uMdunge, noPhiko Lwezinhlekelele kuMasipala uMzimkhulu bathengele imindeni igrosa. Umndeni uthembele esibonelelweni sikaHulumeni ukuba kube khona ukudla endlini.

"Kufanele kuqashelwe ukuthi igrosa eseiyilethile ngeke ihlale isikhathi eside ngenxa yalesi sizathu sinxusa ukuba abemabhizinisi azimele ukuba baqhamuke bazosiza imindeni," kusho iKhansela uMdunge.

Uthe iphupho labo ukwakha indawo yokukhosela yemindeni yomibili kodwa sizoqhubeka sixoxisane nambhizinisi ukuba anikele nanoma ngani ukufeza izifiso zabo zokubona le mindeni ihlala ezindlini okuyizo.

Lokhu kubuye kwathinta owesifazane oneminyaka engama-45 ohlulekile ukubamba izinyembezi ethi: "Kubuhlungu kakhulu ukubona izingane ezincane ziya esikoleni zingadlile." Ubonge uMasipala ngokulekelela ethemba ukuthi akusiko okokuqala nokokugcina.

"Ngezikhukhula zakamuva besingakwazi ukulala ngoba indlu ayiqinile amanzi exhaxhaza. Sizocela usizo lwendlu Kanye nemisebenzi ukuze sikwazi ukuhlinzeka umndeni," kusho yena.

Labo abafisa ukusiza bangaxhumana neHhovisi LikaSomlomo kule nombolo: 039 834 8700.



**USomlomo iKhansela uS. Mdunge enesikhulu esivela kulo uPhiko Lwezinhlekelele LwaseMzimkhulu belethe izijumbana zokudla.**






**Ohambeni lwakhe uSomlomo iKhansela uS. Mdunge ubuye wakhuthaza izingane kulo mndeni ukuba ziqhubeke nokuya esikoleni futhi ziqinisekise ukuthi zithuthukisa izimo zokuphila zazo ngolunye usuku.**











**Isinyathelo sikaMasipala sokuqeqesha izisebenzi namakhansela kwanconywa kakhulu njengesinyathelo esihle kakhulu esizokwazi ukuletha imiphumela emihle ezozuzisa umphakathi ngokuwuhlinzeka ngezisizakalo ezifanele ezizolethwa ngamakhansela nezikhulu abanelukuluku lokuhlinzeka izinsizakalo nabahlonyiswe ngamakhono alokho.**

# Ukuqeqesha okuhlomisa amakhansela nezisebenzi zikaMasipala

EMIZAMWENI yokuqinisekisa ukuthi uMasipala Wesifunda iHarry Gwala uba namakhansela,izimenenja, abaqaphimsebenzi kanye nezikhulu abanamakhono okuphuthumisa ukuhlinzeka izinsizakalo, usanda kuba nomhlangano wokubonisana ukuqeqesha inani elikhethiwe lamakhansela nezikhulu ngamakhono olwazi lwekhompyutha namakhono okuphatha. Lo Masipala oholwa IMeya uKhansela uZ.D Nxumalo , ube nomhlangano wezinsuku ezintathu lapho kuqeqeshwe khona abasebenzi namakhansela, eyayisemaHhovisi Amakhulu neSikhungo sezinhlekelele eXobho, ukuqinisekisa ukuthi amakhansela nezisebenzi bahlome ngokwanele ukwenza imisebenzi yabo.

Okokusebenza komhlangano wokubonisana kukhombise amakhansela nezimeneja ukuthi bugcinwa kanjani ubudlelwano obuhle ngokuthuthukisa amakhono okubonisana nabanye, okubhala, owamakhompuytha kanye nawokuhlela.

Izimeneja zifundiswe ukuthi zingacoyisisa zizigcine kanjani izinhlelo zokuphatha izisebenzi ngokufanelekile ngokuzibekela nokulandela okufanele kuzuzwe ukuze kuhlangabezwane nezinhloso zomphakathi nezomuntu. Izimeneja zibuye zafunda amasu okufundisa, okuqeqesha nawokulekelela amalungu ethimba ukuba asebenze ngokusemandleni awo.

Inhloso yale mihlangano yokubonisana ukuthola ukuqonda namakhono omuntu ukuthuthukisa nokusebenzisa uhlaka lokulawula isikhathi ngempumelelo, ukuthuthukisa umphumela nokuhlela okuyikho kwesisebenzi.

Umhlangano wokubonisana ubuqhutshwa uMnyango wezinsizakalo Kwezemisebenzi kumasipala.

# Uvalelisiwe ngesizotha uMandisa Sebenza

KUBE nomunyu impela kodwa kunesizotha ukuvalelisa uNkk uMandisa 'Nomama' Sebenza (49) ongasekho. UNkk uSebenza ube yisisebenzi kuMasipala Wesifunda iHarry Gwala, uchazwe njengomuntu ozithobile kakhulu, osebenza kanzima nonomahlaya.

Usebenze njengeSikhulu eMnyangweni Wezinhlekelele ngaphambi kokuthi alandulele elimagade emveni kokugula isikhashana wafihlwa eChamto Location eMzimkhulu. Uzokhunjulwa ngobuyena obuhlale njalo bunamancoko.

Enkonzweni yesikhumbuzo yakhe ebisePeace Initiative Hall, uSomlomo kaMasipala Wesifunda iHarry Gwala uKhansela uSibongiseni Mdunge ududuze abahambele umngwabo, wadlulisa amazwi enduduzo emndenini futhi wagcizelela ukuthi uMasipala uzwa ubuhlungu obuyisimanga njengoba ubesona isisebenzi kuphela kodwa futhi ubeseyingxenye yomndeni wabo benguMasipala.

"Uma silahlekelwa omunye wethu lokho kusikhinyabeza kakhulu ekuhlinzelweni kwezinsizakalo. Okusho ukuthi kuzokwanda umsebenzi kulowo ozokwenza umsenbenzi abe wenza kuze kuba uMasipala uthola umuntu ozongena khaxa ezicathulweni zakhe," kusho uKhansela uMdunge.

Wengeze ngokuthi ngesikhathi bezilile bakhuthazwa yiqiniso elithi umufi usebenze kuMasipala ngokuziqhenya, ngokuzinikela nangokuzidela.

UKhansela uMdunge uthandazele umndeni nalabo abebesondelene nomufi ukuba baqine.

IMeya kaMasipala uMzimkhulu uKhansela uJabulile Msiya naye ubeyingxenye yenkonzo yesikhumbuzo wachaza uSebenza njengomuntu ozithobile nosebenza kanzima ozohlala ekhunjulwa njalo ngabanngi.

USekela Mengameli weSouth African Municipal Workers Union (SAMWU) uMluleki Mbhele uthe uyaziqhenya ngokuba nesisebenzi esinamagalelo kaSebenza obezinekela emsebenzini wakhe ngaso sonke isikhathi.

IBamba leMeneja kaMasipala uNkk uThobile MaThiyane Magaqa unanele imizwelo efanayo ethi; " Silahlekelwe ngothandiweyo wethu nomuntu ozinikelayo."

"Ube nomoya ophansi futhi enamancoko. Sithola kunzima ukuba sibhekane nokusishiya kwakhe isigubhukane nokuthi avale isahluko sempilo yakhe kalula kanjalo," kusho uNkk MaThiyane Magaqa.

Ababehambele inkozo yesikhumbuzo yakhe bekukhona nezisebenzi zikaMasipala Wesifunda iHarry Gwala, izisebenzi zabanye omasipala, umndeni nabangane abagcwalise phama ihholo iPeace Initiative ukuzomvalelisa. Ushiye umyeni nezingane ezintathu.








**Izinkulumo zomunyu bezizwakala ehholo ebigcwele ichichima iPeace Initiative eXobho ngesikhathi abazolila, abangani nakade esebenza nabo bezobhonga emswaneni ngesisebenzi ebesithandwa futhi sihlonishwa uNkk uMandisa Sebenza ochazwe njengobesebenza kanzima futhi ezinikela nobusenhliziyweni yakhe umsebenzi. Uyohlala ekhunjulwa.**





**IMeya Yesifunda iHarry Gwala iKhansela uZ.D. Nxumalo enoSomlomo woMkhandlu kaMasipala iKhansela uSibongiseni Mdunge bahola ithimba lamakhansela nabaphathi ukuhambela amaphrojekthi kaMasipala ngenhloso yokuwahlola okyingxenye yokuwalawula nokuphosa iso emsebenzini ukuqinisekisa ukuthi bakwazi ukungenelela lapho kunezinselelo khona. IBambelameneja kaMasipala uNkk uThobile MaThiyane Magaqa, ube yingxenye yohlelo njesikhulu esiphendulayo ukuqinisekisa ukuthi imibiko iyahambisana nomsebenzi osesizeni.**

# Ubuholi buzibambele mathupha buvakashela amaphrojekthi

UKUZE kube nesiqiniseko sokuthi okuqoshwe emibikweni kamasipala kuhambisana nokwenzakalayo lapho kusetshenzwa khona mayelana nokuqhubekayo ekusebenzeni kwamaphrojekthi amanzi, ubuholi bukaMasipala Wesifunda iHarry Gwala uhambele izizinda ukuze buzibonele okwenzakalayo.

UMasipala Wesifunda iHarry Gwala oholwa yiMeya uKhansela uZ.D. Nxumalo ukhetha ukuba ungahlali unethezeke emahhovisi apholile kodwa uphume uhambele onke amaphrojekthi ukuze uhlole inqubekela phambili.

Lokhu okwenzelwa kuphela ngoba kufanele uphendule kodwa ukuqinisekisa ukuthi izinsizakalo zihlinzekwa njengoba kulindelekile emiphakathini eqondiwe.

Abazihola phambili yiMeya uKhansela uNxumalo, uSomlomo, uKhansela uSibongiseni Mdunge kanye nabaphathi abahambele amaphrojekthi ezikhungweni ezahlukene ukuyohlola ibanga eselihanjiwe kuze kube manje.

Izikhungo ezivakashelwe zifaka ukulungiswa nokuthuthukiswa kwamapayipi enhlanzeko uPhase 2 no 3 eFairview naseXobho, ukuqoqwa kobuxhakaxhaka bamapayipi enhlanzeko e-Ibisi kanye nephrojekthi yokuhlinzeka amanzi iGreater Summerfield kokubili okuseMzimkhulu.

Ngesikhathi sokuvakasha iMeya uKhansela uNxumalo uhlangene nabaphathi ezikhungweni ukuqinisekisa ukuthi kungaba yini engenziwa ukuphuthumisa la maphrojekthi nokuthi nokuhambela phambili lapho kufanele kuxazululwe khona izinselelo eziphakanyisiwe mayelana nalawa maphrojekthi.

IMeya ithe bekusemqoka ukuba kuhanjelwe lezi zikhungo kubekwe eceleni amakhaza ukuqinisekisa ukuthi njengoMasipala asethembele kuphela emibikweni ebhalwe ngonjiniyela noma izikhulu zikaMasipala mayelana nokuqhubekayo kumaphrojekthi axhaswe ngumasipala kodwa kufanele siye lapho mathupha ukuzibonela ukuthi okubhaliwe kuyahambisana yini nokubonakala esikhungweni.

"Njengabaholi akufanele sihlale emahhovisi nasemadeskini kodwa kufanele sizibonele thina ngokwethu amaphrojekthi. Lokhu akusho ukuthi asiyithembi imibiko yezikhulu kodwa kuyingxenye yokusebenza okuhambisana nesifungo sehhovisi esasenza sokuthi sohlala sisebenzela umphakathi ngakho konke esinakho," kusho uKhansela uNxumalo.

Wengeze ngokuthi ukuhambela izikhungo kube yimpumelelo ngoba bayakwazi ukungenelela lapho kunezinselelo khona ezidodobalisa noma ezivimba amanye amaphrojekthi.




**IMeya ehlala isebenza kanzima iKhansela uZ.D Nxumalo noSomlomo uS. Mdunge abahlal bekhetha ukushiya amahhovisi abo ukuze bazibambele mathupha, bekhwexa imikhono ukubona inqubekela phambili esizeni.**

# IMEYA: "Abazali abakhombe indlela"








**Umkhankaso woGuquko Lokuziphatha okuhloswe ngawo ukufundisa umphakathi ukuguqula ukuziphatha ububanjelwe eSheshe Hall oFafa, kuWadi 3, lapho iMeya iKhansela uZ.D Nxumalo enxuse abazali ukuba babe yizibonelo. Amakhansela, amalungu omphakathi, iMinyango ehlukene okubandakanya noMnyango Wezempilo nawo ohlinzeka izinsizakalo emphakathini nawo ube yingxenye yomcimbi.**

IMEYA kaMasipala Wesifunda iHarry Gwala uKhansela uZ.D. Nxumalo, njengomzali luqobo lwakhe, useqhulwini lokugqugquzela abazali ukuba babe yizibonelo ezinhle ezinganeni zabo ukuze zizuze okuhle. Nokho, okwamanje iMeya, inombono oqinile futhi inomuzwa wokuthi kufanele kuqale ngabazali.

Uhlelo "lokuziphatha okuyisibonelo" beluholwa uNxumalo njengengxenye yokuzibophezela kukaHulumeni ukubhekana noKuvuselela Onembeza entsheni kodwa futhi nangokuvemelana kokuthi kufanele kuqale ngabazali ukuba babe yizibonelo.

IMeya ikusho lokhu ngesikhathi soMkhankaso Woguquko Lokuziphatha obusehholo eSheshe Ofafa kamuva.

Lo mkhankaso uhlose ukufundisa amalungu omphakathi ngokuguqula indlalela yokuziphatha, ukucwila ezidakamizweni nasekuhlinzekeni izinsizakalo zempilo.

Ekhuluma namalungu omphakathi iMeya ithe kunesidingo sokuthi abazali babe yisbonelo emakhaya abo.

"Abazali kufanele babe yisibonelo, indlela esikhuluma ngayo nangendlela esiziphatha ngayo kufanele kube ngefanelekile lapho izingane zifunda khona. Futhi sidinga ukuba sixoxe nezingane zethu ngezindaba ezithinta ezocansi kanye nangezindaba zokuziphatha," kusho iMeya uNxumalo.

Wengeze ngokuthi kunenselelo yokuswelakala kwemisebenzi, ukukhulelwa kothimbazane nokucwila ezidakamizweni, okunye kwakho okungabangwa ukungaziphathi kahle kwabazali ezinganeni.

Ubuye weluleka ngokuthi umphakathi kufanele uphindele emuva kokufanelekileyo futhi ube nezivande emakhaya kutshalwe imifino futhi izingane zihlale zimatasa ikakhulukazi ngamaholidi nangezimpelasonto.

UMkhankaso Woguquko Lokuziphatha usungulwe uMnyango weHIV ne-AIDS eHhovisi likaNdunankulu libambisene neHhovisi leMeya ezingeni lesifunda okuwuMasipala Wesifunda iHarry Gwala.

# “Asenze okulungile ngisho kungekho osiqaphile”




**“Akukho mahlathi okucasha ezikhulwini zikaMasipala ezehlulekayo ukwenza okuyikho.” – lowo bekuwumbiko emkhankasweni othi: ‘*Ngenza okufanele ngisho engekho oqaphile*’. Umcimbi ubuwenzelwe ehholo iPeace Initiative eXobho kwakhulunywa ngokungaphathi kahle nenkohlakalo. Ababekhona emcimbini kwaku yiZimeya eyaseBuhlebezwe iKhansela u-E.B Ngubo, eyaseMzimkhulu iKhansela uJ. Msiya neyaseDr Nkosazana Dlamini-Zuma iKhansela uS. Msomi obizwa ngoMaJobe.**

UKUZE sikhuthaze umoya wokukhetha ukwenza konke okulungile ezikhulwini ngenhloso yokutshala izimiso zokuziphatha, inkethanhle kanye nobunqokotho ezisebenzini zomphakathi. UNdunankulu waKwaZulu-Natal uSihle Zikalala uqale uhlelo oluthi, “Ngenza okulungile ngisho kungekho ongiqaphile.”

Lolu hlelo luhlose UKUHLALA lukhumbuza izikhulu ukuthi imali nempahla kaHulumeni akusiyo eyabo, akusiyo eyemindeni nabangani babo kodwa kufanele kuhlonishwe ngendlela yokuthi njalo kuhlale kubakhumbuza ukuthi okukuthuthukisa imiphakathi futhi bona bakhona ukuba basize umphakathi.

Ikhwelo likaNdunankulu uZikalala lagcizelelwa ukuze kuqinisekiswe ukuthi umkhankaso uthola umfutho nokuthi kwaziwe ukuthi impi elwa nenkohlakalo iyaqhubeka.

Ukwethulwa komkhankaso bewethanyelwe ababambiqhaza abaningi. Bewuqhutshwa eminxeni eminingi yesifundazwe.

UMasipala Wesifunda iHarry Gwala ulandele ukhondolo lukaZ.D. Nxumalo lokwamukela umkhankaso ehholo iPeace Initiative e-Ixopo kamuva. Imeya Yesifunda uKhansela uZamo Nxumalo wethule inkulumongqangi lapho egcizelele khona ukuthi kusemqoka kakhulu ukuthi zonke izikhulu kumasipala kufanele zazi ngale mikhankaso futhi wazinxusa ukuba zingalingeki zingene ezenzweni zokukhwabanisa nezenkohlakalo.


“Lo mkhankaso unesidingo sokuthi ukhumbuze wonke umuntu ngokudingeka kwenziwe endaweni yomsbenzi, ukwenza izinto ngisho kungekho okuqaphile. Lokhu kuyisidingo ekuthuthukiseni ukuhlinzekwa kwezunsizakalo,” kusho iMeya uNxumalo.

UMasipala Wesifunda iHarry Gwala nabanye omasipala bakhe uHlaka Lwenqubomgomo Evimbela Ukukhwabanisa, Iqhingasu Nolokwenza kanye neNqubomgomo Yezipho ukulwa nokukhwabanisa nenkohlakalo. Okunye Inqubomgomo Yokuhlaba Ikhwelo Kokungalungile esiza ukuvikela labo abahlaba ikhwelo ngokungalungile nayo imi ngomumo.

UNxumalo uthe bonke oMasipala abangaphansi kweSifunda iHarry Gwala banerejista yokubhalisa konke okusengcupheni yokukhwabaniswa okusiza kakhulu ekunciphiseni izigigaba zokukhwabanisa. “OMasipala banamakomidi alawula ubungozi abhekana nokulawulwa kokukhwabanisa kanye nezimiso zokuziphatha. Onke amabhodi aqondisa ubugwegwe anozihlalo abazimele. OMasipala bakhe amabhodi omasipala aqondisa ubugwegwe abhekana nokungaphathwa ngendlela kwezimali,” kwengeza iMeya.

# ISikhulu Esiphezulu soPhiko Lwentuthuko eHarry Gwala siyisikhupekhuphe

**UMasipala Wesifunda iHarry Gwala uqashe iSikhulu Esiphezulu (CEO) esisha, u-Antionette Whyte kulo uPhiko Lwentuthuko lukaMasipala olwaziwa ngokuthi iHarry Gwala Development Agency (HGDA).**



**ISikhulu ESiphezulu (CEO) seHarry Gwala Development Agency Chief uNks. u-Antionette Whyte.**

ISIHULU Esiphezulu esisha asichithanga sikhathi sahlala amagqoza emsebenzini sikhuphazela sabeka obala izinhloso zaso zokuvuselela izinhlelo uphiko oluqondene nazo emveni kwezibophezelo sokwakha uhlelo nokuhambisa ukukhuphula umnotho waseHarry Gwala kusukela lulu-1 kuNtulikazi 2022.

UWhyte uphumelele ngamalengisi kuNational Diploma in Business Management e-Institute of Business Management futhi uneziqu iBA, lapho egogode khona kuDevelopment Studies and Political Science e-UNISA kanti e-University of Pretoria uneNQF6 ye-Executive Leadership Development Programme eWITS khona uneNQF6 - Certificate Programme in CPMD. Kumanje umatasa neziqu zeLLB e-UNISA.

Amava akhe akamuva afakazelwa ukugxilisa, ukuphatha nokukhulisa iLocal Economic Development Unit kaMasiplala iGreater Kokstad, ayebandakanya ukuhola iSmart City Development Strategy of Kokstad, lapho kwaba nokukhula kokutshalwa kwezimali okulinganiselwa ezigidini ezili-R147 esikhathini esiyiminyaka emihlanu, kwakheka amathuba emisebenzi angaphezu kwezi-2 000 ngohlelo i-Expanded Public Works Programme (EPWP) kanye nokwengamela umsebenzi oholwa nguSANRAL iKokstad N2 Interchange, ukugcina nokwandia amabhizinisi eSMME kuhambisana nokukhula emkhakheni wezolimo ngamaphrojekthi aholwa nguMasipala, egqama kakhulu kuyiphrojekthi iFranklin Hydroponic Tunnel ekwazile ukuvikela izinhlelo zokuqalisa uhwebo.

Ephendula umbuzo othi ngabe yiziphi izinhloso namaphi amaphupho akhe, impendulo ibe lula; “Ukuphilela engikubekelwe”. Ukholelwa ekutheni okwakhe ukuba “avundise inhlabathi nokutshala izihlahlahla ezizohlinzeka ngomthunzi futhi zondle nezizukulwane zangomuso”.

UWhyte ukholelwa kakhulu ekusebenzeni ngokubambisana nanjengethimba. Uletha umnotho wolwazi, wamava nowokuba nentshisekelo yokwakha nokuqinisa ukusebenzisana.

Ebeka iqhaza elibanjwa yiSikhulu Esiphezulu endaweni, kwasungulwa iHarry Gwala Development Agency ngowezi-2012 njengesakhiwo seSifunda (uMasipala Wesifunda iHarry Gwala), wanikezwa umsebenzi wokuhlonza izindawo ezimqoka zentuthuko, okwakha amaqhingasu okukhulisa umnotho, ukuthola uxhaso kwezimali okuwukuthi ngakho-ke kufanele afuqe ahlelo lwezomnotho ngokugcwele kubandakanya ukugqugquzela ukuthola izibonelwakuyo zamabhizinisi ukuze kusizakale amaSMME nezindlela zokwakha imisebenzi. Nokho iHGDA ihlangabezane nezinselelo eminyakeni eminingi okwakamuva nje ukunqindeka kokusebenza kwe-Agency.

Ekuthuthukiseni iQhingasu Lembuyekezasimo (Turn-Around Strategy) ngezinkomba zesikhathi esifushane, esiphakathi neside, uWhyte akubeka eqhulwini ukuvuselela ukusebenza kwe-Agency ngokuheha abatshalimali esifundeni ngokusebenzisana namabhizinisi azimele, ukuxhasa izakhiwo nokugqugquzela ukutholakala kwamathuba kwamaSMME kugxilwe emaqenjinini kaHulumeni aseqhulwini.

Ngesikhathi ebuzwa ukuthi yikuphi okukhulu asekufundile kulokhu eqalile ukuba yiSikhulu Esiphezulu uphendule ngokuthi akusisona isifundo ngempela kodwa yisikhumbuzo esithi; “Kithina sonke okusemqoka okusixhumanisayo okuncane ohlelweni lonke lwempilo futhi okufanele uhlale uqinisekisa ukuthi wonke umuntu okuzungezile unezinhloso ezifanayo”.

Ngesikhathi sakhe sokuziphumulela, uthokozela ukufunda nokuba nesikhathi esinokuthula nomndeni wakhe nabangani. “Umndeni usemqoka kakhulu, uyinsika, futhi abangani bayisibuko,” engeza.

Embuzweni othi yini emenza avuke ekuseni, uthe: “ Kunamawashi amabili “akhalayo”, elokuqala indodakazi yami nokuzinikela kwami kwansuku zonke ukuba ngibe ngumama ongcono ukubhekana nezidingo zayo, ngiyifundisa ukuzimela nokuthi ikwazi ukuphendula kwekwenzayo nokuyihlomisa ngezikhali ezizoyiqondisa ohambeni lwempilo. Elesibili, yithemba lami lokuthi ngengikwenzayo, impilo yabanye izoguquka ibe ngcono. Ngiphilela engiyokhunjulwa ngako.”







Bekukhona aMakhosi neZinduna ku-IDP beqhamuka ezindaweni ezahlukene zeSifunda iHarry Gwala.

# IMeya uNxumalo ixoxisane namaKhosi

EMIZAMWENI yokuqinisekisa ukuthi abaholi bomdabu babamba iqhaza elimqoka ekuhlinzekeni izinsizakalo zikaMasipala Wesifunda iHarry Gwala iMeya uKhansela uZ.D. Nxumalo uthathe igxathu lokuqala eya phambili mayelana nokubandakanya abaholi bomdabu bendawo ngesabelomali sikaMasipala nokuthi sibunjwe kanjani ukuze sihambisane nezidingo zabantu besifunda.

Inhloso ukufaka yonke iminxa yemiphakathi hhayi kuphela ngokubandakanya umbono wamalungu omphakathi ngeZinhlelo Zokubandakanya Umphakathi (Public Participation Programmes) ezihambisana neZinhlelo Zentuthuko Edidiyelwe (Integrated Development Programmes (IDP)) uma kuthuthukiswa isabelomali.

Nokho, uhlelo lokubandakanya umphakathi olushiwo ngenhla aluvimbeli ukubandakanyeka kwabaholi bomdabu ukuba babambe iqhaza kodwa iMeya uKhansela uNxumalo ube nomuzwa wokuthi badinga ukuba banikezwe ithuba labo ngqo lapho bezokhululeka khona ukuba bakhulume neMeya mahlanze.

UKhansela uNxumalo wethule isabelomali kuwo uMkhandlu Womdabu, othakaselwe kakhulu ngokukhuluma ngezenselelo zomphakathi ikakhulukazi lowo osemakhaya.

IMeya, uKhansela uNxumalo, ithe kunesidingo sokuthi aMakhosi neZinduna bahlale bazi ukuthi uMasipala uhlelani mayelana nesabelomali.

"UMasipala ube nezithangami zamaqhingasu ukudingida isabelomali yingakho kudingekile ukuba sikhulume noMkhandlu Womdabu ukuze imiphoso nokuphawula kwawo kuqaphelisiswe futhi kuthathwe izinyathelo ngayo nguMasipala," kusho iMeya uNxumalo.

IMeya ibuye yagqugquzela aMakhosi ukuba akhulume namalungu omphakathi uma uMasipala uneZimbizo ze-IDP nezeSabelomali ngezinhlelo zokuhlinzeka izinsizakalo kanye nenqubekela phambili kumaphrojekthi lana asehloliwe.

Ubuye wakhuluma ngodaba lokubalwa kwabantu ukuthi izisebenzi kufanele zivunyelwe ukubala abantu njengoba lokho kuzosiza uHulumeni ukuba azi inani labantu ezweni kanye nezimo zemiphakathi njengokuthi bangaki abaneziqu abangasebenzi abahleli emakhaya nokuthi le nselelo kungabhekwana kanjani nayo.

"NjengoMasipla sethembe nina kakhulu Makhosi neZinduna ukuba nidlulise lo mlayezo wokuhlinzeka izinsizakalo kubantu abangaphansi kwenu.

Sifuna ukuzwa ukuthi iyiphi intuthuko enifuna ukuyibona, obani abadinga amanzi nezinye izinsizakalo emiphakathini yenu. Kuleyo mihlangano sobe sesidingida izindlela zokuthuthukisa lapho kunesidingo khona," kusho uKhansela uNxumalo. Ubuye wanika aMakhosi inombolo angathintwa kuyo mayelana nokuhlinzeka izinsizakalo kanye nezinselelo ezihambisana nakho.

"UMasipala nabaholi bomdabu badinga ukuba basebenzisane ngokubambisana ukuthuthukisa imiphakathi esiyiholayo," kusho iMeya uNxumalo.

INkosi uPhathisizwe Chiliza, obenguSihlalo weNdlu Yabaholi Bomdabu KwaZulu-Natal, ekhuluma kulezi zingxoxo ubonge kakhulu ubudlelwano obuhle phakathi kwaMakhosi noMasipala Wesifuna iHarry Gwala. Ubuye wagqugquzela abaholi bomdabu ukuba basebenzisane nomasipala ukuphuthumisa ukuhlinzeka izinsizakalo kubantu.



Leyo Meya Yesifunda iHarry Gwala iKhansela uZ.D. Nxumalo ekhuluma ngezindaba ezifanelekile ngesikhathi kwamukelwa isabelomali sonyakamali wezi-2022/23.



USomlomo uS. Mdunge ekhuluma naMakhosi emhlanganweni we-IDP obuseSoweto Hall eXobho.



INkosi uV. V. Zimema ekhuluma naMakhosi emhlanganweni we-IDP.





# UHLELO LOKUSABALALISA AMANZI EHIGHFLATS

IPHROJEKTHI ikuWadi 13 wakuMasipala uBuhlebezwe ngaphansi kukaMasipala Wesifunda iHarry Gwala.

Le phrojekthi ifaka ukwakhiwa kwamapayipi amile ali-10 ukuqinsekisa ukuthi umphakathi uhlinzekwa ngamanzi anele, aphephile, nokuthembeka kokusabalaliswa kwawo.

Isigodi esizohlomula kulolu hlelo yizindawo zokuzakhela zaseHighflats.

Onke amaphrojekthi enziwayo anikezelwa ezimweni nasezingubeni zeEPWP. Usonkontileka kufanele izindlela zokwakha ezidinga umsebenzi onakekelwe kakhulu ngokugcwele futhi uthuthukise isimo sempilo nokuhlanzeka endaweni ngenxa yephrojekthi.

**Imininingo yephrojekthi:**

| | |
|---|---|
| Usuku Lokuqala: | 12 kuMbasa 2022 |
| Usuku Lokuphothula: | 12 kuZibandlela 2022 |
| Inani Lomsebenzi: | R 8 044 554.48 |

**iThimba Lephrojekthi:**

| | |
|---|---|
| Onjiniyela: | iLesedi Technical Engineering Consulting |
| Osonkontileka: | Makize's Plumbing and Projects (PTY) LTD |

**Umklamo womsebenzi:**

(a) Ukuhlonzwa kwesiza
(b) Ukulungiswa kwesiza
(c) Ukumbiwa kwemisele yamapayipi
(d) Ukugobiswa, ukubekwa nokuqiniswa kwendawo kwamapayipi.
(e) Ukufakwa kwamapayipi amile ali-10
(f) Ukuhlolwa kwamapayipi
(g) Ukuhlinzekwa kwamapitsi amabili (2) eHighflats azophakela ithangi eliphakanyisiwe
(h) Ukuletha nokufaka ithangi lensimbi eliphakanyisiwe elimumatha ama-150kl phezulu emphanyekweni ophakeme ngama-10m
(i) Ukuphendla, ukuhlanza nokulungiselela ukwakha
(j) Ukubuyisela zonke izingxenye ezithikanyezwe ukwakha esimweni esifana nesitholakele kuqala umsebenzi wokwakha.

# UMCIMBI WOKWETHWESA IZIQU ABE-EPWP NHLANGULANA 2022 KUMASIPALA WESIFUNDA IHARRY GWALA

UMasipala Wesifunda iHarry Gwala ube nomcimbi wokwethwesa iziqu ngoNhangulana 2022 kubo bonke abe-EPWP ababe yingxenye yamaphrojekthi e-EPWP asetshenziswe kuso sonke isifunda.

Ukukhombisa ukubonga bahlomuliswa ngezitifiketi ezikhombisa ukuthi baphothule imisebenzi eminxeni ehlukile njengakulena:

- Ukufakwa kwamamitha amanzi
- Ukuhlanzwa kwezinto zokusebenza kanye nezakhiwa ezingamahhovisi
- Ukubeka esimweni esifanelekile amahhovisi
- Ukufunda amamitha amanzi
- Ukuqoqa imininingo ngemizi
- Ukwendlaamapayipi
- Ukuqopha imininingo

ISifunda iHarry Gwala yakhe amathuba emisebenzi ayi-1 100 ekusebenzeni kwamaphrojekthi engqalasizinda kanye nasekunikezeleni ngezibonelelo eziyisikhuthazo.






# UMHLANGANO WOKUFUNDISA NGEBATHO PELE





UMasipala uhloze isidingo sokubamba umhlangano wokubonisana onsukumbili iBatho Pele owenzelwe izisebenzi zikaMasipala.

Umhlangano wokubonisana ububanjwe mhla zingama-21 namhla zingama-22 kuNhlangulana 2022. Umhlangano wokubonisana ubugxile ekutheni kungenziwa kanjani ukuba iBatho Pele ibe yinto ephilayo endaweni tomsebenzi futhi kubuye kuqinisekiswe ukuthi kunokuhambisana neMigomo yeBatho Pele ezinhlelweni zokusebenza zikaMasipala.

Ngaphezu kwalokho umhlangano wokubonisana uzosiza izisebenzi ukuba zibuyise amakhono nolwazi kwakudala kweMigomo yeBatho Pele.

Ngesikhathi libeka amazwi okuvula iBamba Meneja kaMasipala uNkk uT.T. MaThiyane Magaqa wagqamisa ukuthi umqondomsuka weBatho Pele awuzimele ngokwawo nokho imigomo iyindlela yokuqinisa ukuhlinzeka izinsizakalo kubantu.

# IPROJEKTHI YOKUVIKELA IMITHOMBO

**Isizinda**

UMasipala Wesifunda iHarry Gwala (HGDM) ungomunye womasipala beSikhungo Esilawula Izinsizakalo Zamanzi esifundeni iKwaZulu-Natal. InoMasipala Bendawo abane iHGDM okuyilaba; uBuhlebezwe, uMzimkhulu, iGreater Kokstad neDr. Nkosazana Dlamini-Zuma abaziwa njengezindawo zezinsizakalo zamanzi ngokuhlinzeka izinsizakalo zamanzi. Izigodi zasemakhaya eziningi kuMasipala Wesifunda iHarry Gwala zisathembele ezinhlelweni ezisabalalisa amanzi ezime ngazodwa ezihlinzeka amanzi ahlanzekile okwesikhashana emiphakathini ngesikhathi uMasipala usafaka amaphrojekthi eminyaka ahlose ukuhlinzeka inqwaba yamanzi ahlanzekile aqhamuka emithonjeni ethembekile.

UMasipala Wesifunda iHarry Gwala wakhe uhlaka lokusebenza oluzoxhaswa nezimali ngaphansi koHlelo Olungenelela Ukuphuthumisa Amanzi (Accelerated Water Intervention Programme) olwethulwa kuwo uMnyango Wokubusa Ngokubambisana Nezindaba Zomdabu (CoGTA) ukucela uxhaso lwezimali kunyakamali wezi-2021/2022. Izinhloso ezinqala zohlaka lomsebenzi kwabe kuwukubhekana nokungeneli kwamanzi kanye nokuxegisa ukusalela emuva iSifunda esibhekene nakho ekuhlinzekeni ukufinyelela ezinsizakalweni ezinqala zamanzi.

.

**Ukungenelela**

ISifunda sahlonzwa njengesizothuthukisa ukuvikelwa kwemithombo yamanzi ukubhekana nezinselelo zamanzi eziqondene neSifunda njengokubeka kohlelo iProvincial Water Masterplan eyakhiwa yiCoGTA. ISifunda saqasha usonkontileka ukuba abhekane nezinselelo ezibalwe phambilini.
Zonke izinqubo zokuthola ithenda zalandelwa ngenkathi kuqashwa osonkontileka;

- iMthuthukiswa Construction Pty Ltd yaqashwa ukuba ivikele umthombo omkhulu ophakela izigodi zaseMzimkhulu, zaseDr. Nkosazana Dlamini-Zuma, nezaseBuhlebezwe okungoMasipala Benawo, okuyinombolo yenkontileka uHGDM757/HGDM/2022.

**Umklamo Womsebenzi**

Umklamo womsebenzi wokuvikela umthombo omkhulu udinge ukuba kwakhiwe amaV-Box, nokufakwa kwethangi elinganyakazi elingamalitha ayizi-5 000, ukwakhiwa kwepayipi elide lamanzi







elixhumana neV-Box eliya ethangini eligcina amanzi, nokufakwa kwepayipi elimile, ukubiyelwa komthombo wamanzi, nokugxunyekwa kwesango labahamba ngezinyawo.

**Abahlomulayo**

Ukwakhiwa kwamaphrojekthi abalwe ngaphambilini sekuphothuliwe. Imiphakathi ehlomulayo kulolu hlelo yilena:

| No. | uMasipala Wendawo | iSigodi | iWadi | Inani Lemizi |
|---|---|---|---|---|
| 1 | iDr. Nkosazana Dlamini-Zuma | iDumabezwe | 13 | 70 |
| 2 | | eMpthini | 12 | 43 |
| 3 | | iQulashe | 6 | 34 |
| 4 | | eScedeni | 6 | 21 |
| 5 | | iMpumulawane | 5 | 31 |
| 6 | | kwaPhini | 9 | 54 |
| 7 | uBuhlebezwe | iNcakubane | 1 | 21 |
| 8 | | iGudwini | 8 | 42 |
| 9 | | iNhlawukeni | 8 | 39 |
| 10 | | iGoxe | 8 | 41 |
| 11 | | iNhlangwini | 8 | 40 |
| 12 | | iNhlawukeni | 8 | 35 |
| 13 | | iSigcakeni | 8 | 65 |
| 14 | | iSpringvale | 9 | 35 |
| 15 | UMzimkhulu | iNtshongo | 10 | 70 |
| 16 | | iSt Patrick | 1 | 61 |
| 17 | | iNozingili | 3 | 90 |
| 18 | | iNazareth | 7 | 85 |
| 19 | | ePhelanyoni | 8 | 105 |
| 20 | | Esikhulu | 18 | 76 |
| 21 | | iMbumbane | 12 | 90 |

# AMAPROJEKTHI eSibonelelo Sengqalasizinda Sezinsizakalo Samanzi [WSIG]

## IZINHLOSO ZAMAPHROJEKTHI

Inhlosongqangi yalolu hlelo ukuqinisekisa ukuthi abantu boMasipala besifunda iHarry Gwala bethulwa umthwalo wengcindezi obangwa wukungabi bikho kwamanzi alethwayo ahlinzekwa ngokwethembeka futhi asezingeni elamukelekile. Lokhu kungenxa yokuhlinzeka nokungenelela ekuhlinzekweni kwamanzi ngezimali ezikhishwa uMnyango Wamanzi Nenhlanzeko ngaphansi kweSibonelelo Sengqalasizinda Sezinsizakalo Samanzi [Water Services Infrastructure Grant (WSIG)]. I-WSIG kufanele iphakele izindawo ezibanzi eziphethwe nguMasipala ngenhloso enkulu yokuqeda ukusalela emuva, ukuphuthumisa ukuhlinzeka izinsizakalo njengokulawulwa kokufuneka nokongiwa kwamanzi.

## IGAMA LEPHROJEKTHI:
**iNOKWEJA-MASHUMI WATER SUPPLY**

| | |
|---|---|
| **Usonkiteleka:** | **iNomafusi Projects JV Kuyazanywa Construction** |
| **Isabelomali Somsebenzi:** | **R3 500 330.52** |
| **Isimo:** | **Sekuphothuliwe** |

## ISIZINDA:

INokweja Water Supply Scheme inezigodi ezili-19. Lolu hlelo luhlakaniswe lwaba yizigceme ezili-12 (okunguReservoir B kuya kuReservoir F, uReservoir 2 kuya kuReservoir 8) kuyengokuqethuka kanye nezigcinamanzi ezisemqoka ezihlinzeka lolu hlelo. INokweja Water Supply Scheme inezinselelo zomthombo nokusimamisa inxakanxaka yokusabalalisa inqwaba yamanzi okubanga ukuthi ezinye izigodi zingawatholi amanzi kulolu hlelo lwamanzi. Ngakho-ke le phrojekthi igxile kakhulu ekungeneleleni kwesikhasahana ukubhekana nezinselelo zokusweleka kwamanzi ezigcemeni u-E no-F, okufaka izigodi uNokweja, kwaRamaphosa, iNongongonini, iNkomeni, iTwo Thousand neMawusheni. Amapitsi amabili anompompi abaphehlwa ngezandla ahlozwa ezigodini uNokweja neNongongonini futhi abekelwe iphrojekthi. I-ZCE ungoti wezamanzi ambiwayo ukuba enze ucwaningo lokutholakala kwawo ukubheka ubungako bokutholakala kwawo kanye nezinga lawo kulawa mapitsi amabili. La mapitsi amabili atholakale ukuthi akhiqiza amanzi anele izidingo zamanzi zezigceme ezimbili u-E no-F kwaNokweja WSS ezingeni lezinsizakalo zamalitha angama-25 ngosuku. Le phrojekthi izohlomulisa abangama-816. Ngenxa yokubambezeleka kuka-Eskom ekufakeni amandla kagesi iphrojekthi yabambezeleka. Njengamanje sifake amajeneretha kadizili ukuze kusebenzeke. Zozimbili izindlu zamaphampu zinamajeneretha ngokwehlukana.

IThebula 2 elilandelayo likhombisa lapho kukhona khona izigodi ezikolo mbiko.

| No | iSigodi | iNdawo | | iWadi | uMasipala Wendawo |
|---|---|---|---|---|---|
| | | iLongithudi | iLathithudi | | |
| 1 | Kwa Ramaphosa | 30° 1’54.96”E | 30°16’57.92”S | Wadi 11 | Ubuhlebezwe MW |
| 2 | Kwa2000 | 30° 1’34.12”E | 30°17’49.75”S | | |
| 3 | iNkomeni | 30° 1’40.23”E | 30°19’26.14”S | | |
| 4 | iNgongonini | 30° 2’4.83”E | 30°18’13.32”S | | |
| 5 | i-Africa/Nokweja | 30° 1’38.70”E | 30°17’19.75”S | | |
| 6 | eMawusheni | 30° 0’33.11”E | 30°18’18.41”S | | |

## KAFUPHI NGEPHROJEKTHI

Ukwakhiwa kwamaphayiphi aletha amanzi asuka emapitsinni amabili (elisha nelikhona) aya kuzigcinamanzi ezikwaNokweja-Mashumi. Iphrojekthi iqale mhla zingama-27 kuMbasa ngowezi-2021 yaphothulwa mhla zingama-30 kuMandulo ngowezi-2021. Inhloso yephrojekthi bekuwukuhlinzeka umphakathi ngamanzi aphuma kompompi.


**Indlu yamaphampu ngaphakathi kunepitsi**


**Ikhosomba lokuxhumanisa elixhumanisana nesigcinamanzi esikhona**


**Amajeneretha kadizili**

## IGAMA LEPHROJEKTHI:
## iCAPITA INFRASTRUCTURE REFURBISHMENT/ UPGRADE IN UMZIMKHULU LOCAL MUNICIPALITY

| | |
|---|---|
| **uSonkontileka:** | **iNovubu Construction** |
| **iSabelomali Somsebenzi:** | **R21 542 977.87** |
| **Isimo:** | **Iphothuliwe nya** |

### ISIZINDA:
Ukuvuselelwa kokudonswa kwamanzi okukhona emfuleni uMzimkhulu kuyingxenye yeNgqalasizinda/ Yokuthuthukisa izigodi zikMaipalaWendawo uMzimkhulu okuhloswe ngakho ukusabalalisa amanzi ezigodini zoMzimkhulu kuMasipala Wesifunda iHarry Gwala. Umklamo wephrojekthi njengamanje ukuqeda izinkinga ezikhona manje ngamanzi angahluziwe aqhamuka emfuleni uMzimkhulu.

### KAFUPHI NGEPHROJEKHI
Izinhloso zephrojekthi ukubuyekeza, ukwelula nokuthuthukisa/ukuvuselela uhlelo olukhona, ukusimamisa ukusebenza kwemithombo ngokufanelekile nangokonga edolobheni uMzimkhulu kanye nokwakha amathuba emisebenzi kubantu abambalwa. Ukwakhiwa kwesiteshi sikakhonkolo esigcina amaphampu kufaka nokuhlela umhlabathi nokuzinzisa indawo ingagugulеki. Ukufakwa kwephampu kanye nemisebenzi ehambisana nokunyakaza nezikagesi wayo. Ukwakhiwa komgwaqo wezitini ongenayo. Ukuvuselelwa kwazo zonke e zemvelo ezidingakalayo. Ukwakhiwa kwepayipi elimile elingama 450mm eliyiPVC Class 16. Ukwakhiwa kwebhuloho lensimbi eliwela umfula iMvubukazi. Iphrojekthi izohlinzeka u-2287HH. Iphrojekthi inejeneretha kadizili eqaphile ezosebenza ukuphehla ugesi njengoba u-Eskom eshaya izaququ ekufakeni ugesi. Iphrojekthi enkulu engaphansi kweWSIG ezolethwa uMnyango Ohlinzeka Amanzi futhi iqedwe ngesikhathi ebesilindelekile. Ilawulwa yizisebenzi zayo.

### INDAWO
Lapho ibekwe khona kusendaweni yalezi zinkombandawo: 22 22' 22"E 33 33' 33"S.


**Indlu yamaphampu eNhlambamasoka**


**Indlu yamaphampu ephelele**


**Isibhexe sikakhonkolo sendlu yamaphampu**


**Indlu yamaphampu eMbizweni**


**Amaphampu amabili**


**Ithimba leHGDM kusuka kwesokunxele kuya kwesokudla: uSibusiso Madlala onguplamba, uNokukhanya Mkhize oyiMeneja Yeprojekthi**

## IGAMA LEPHROJEKTHI:
## UKWAKHIWA KWENGQALASIZINDA YOKUSABALALISA AMANZI EZIGODINI EZIHLONZIWE EMZIMKHULU – iMASAMINI – MBUZWENI WATER SUPPLY

| | |
|---|---|
| **uSonkontileka:** | **iBoboshe Trading Enterprise** |
| **uSonkontileka Omncane 1:** | **uMnotho Investment (Pty) Ltd JV Sibalukhulu Trading** |
| **uSonkontileka Omncane 2:** | **iVigour Health Star (PTY)** |
| **iSabelomali Somsebenzi:** | **R 14 775 359.82** |
| **iSimo:** | **iPhothuliwe Nya** |

### ISIZINDA:
UHlelo Lokusabalalisa Amanzi iMasamini-Mbuzweni lunezigodi eziyisikhombisa (7) okuyilezi: iSangweni, iRauka, uNonginqa /eNkukhwini, eNqokozweni, kwaDumisa noMyembe, zonke ezingaphansi kukaMasipala Wendawo uMzimkhulu (ULM) ongomunye womasipala bendawo abangaphansi kweHGDM. UMasipala Wendawo uMzimkhulu uyindawo yasemakhaya kakhulu futhi ogcwele kakhulu izindawo eziphethwe ngaMakhosi. Le ndawo inabantu abacishe babengama-90.8% abahlala ezindaweni zasemakhaya bese kuthi ama-9.2% asele abe yizindawo eziyidolobha. Idolobha iHulu likuMasipala Wesifunda iHarry Gwala esifundeni iKwaZulu-Natal eNingizimu Afrika. Idolobha uMzimkhulu lingama-243km enyakatho mpumalanga noMthatha libe

ama-18km eningizimu yeningizimu mpumalanga, usemngceleni wezintaba iDrakensberg ngakuWadi 1 kaMasipala Wendawo uMzimkhulu.

Abahlomulayo kule phrojekthi abantu abababalelwa ezi-11 200 abasezigodini eziyisikhombisa (7). Isizathu sokusebenzisa le phrojekthi kwaba wukuqeda ukusalela emuva okukhulu ngamanzi ahlanzekile emiphakathini entulayo yakuMasipala Wendawo uMzimkhulu.

Ithebula elilandelayo likhombisa inani labantu eminyakeni engama-20 ezayo kusuka ngowezi-2020 kuya kowezi-2040.

*iThebula 1: Imininingo yenani labantu yezigodi eziyisikhombisa*

| iSigodi | iMizi Ebaliwe ngo-2020 | aBantu ababalwa ngo-2020 | iSiqagulo Sokwanda Kwabantu Ngezinga kukhula u-0,5% | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | | | Ngo-2025 | Ngo-2030 | Ngo-2035 | Ngo-2040 |
| kwaDumisa | 1129 | 5645 | 5788 | 5934 | 6084 | 6237 |
| uMyembe | 233 | 1000 | 1025 | 1051 | 1078 | 1105 |
| uNonginqi | 532 | 2590 | 2655 | 2722 | 2791 | 2862 |
| eNkukhwini | 180 | 400 | 410 | 420 | 431 | 442 |
| eNqokozweni | 143 | 715 | 733 | 752 | 771 | 790 |
| iRhuwaka | 150 | 750 | 769 | 788 | 808 | 829 |
| eSangweni | 20 | 100 | 103 | 105 | 108 | 110 |
| iSamba | 2387 | 11 200 | 11 483 | 11 773 | 12 070 | 12 375 |

Inani lokuxhunywa kwamanzi okuhlangabezana namazinga avumelekile.

**eSangweni** **20 HH**
**uNonginqi** **429 HH**

Inani lokuxhunywa kwamanzi okuvuselelwe okuya emphakathini.

**kwaDumisa** **1129 HH**
**uNonginqi** **103 HH**
**eNkukhwini** **180 HH**
**eNqokozweni** **143 HH**
**iRhuwaka** **150 HH**

Qaphela: Ngezizathu zesabelomali isigodi uMyembe asizange sivuselelwe ngenxa yokwanda komklamo wemisebenzi.
Okwenze isamba senani lemizi ehlinzekiwe iyizi-2154.

The findings of the investigation of this project had proven that these villages have infrastructure that is Okutholwe wuphenyo ngale phrojekthi kuveze ukuthi lezi zigodi zinengqalasizinda ewohlokayo noma enganele noma akukho lapho kungadonswa khona ammanzi, akukho ngqalisizinda, futhi ezindaweni eziningi kunemithombo yamanzi angavikelekile nangaphephile ukuba angaphuzwa ngabantu. Okunye abantu bahamba amabanga amade ngokwedlulele ukuyokha amanzi.

Manje le phrojekthi isisize abantu abahlala kule miphakathi ngokuyihlinzeka ngengqalasizinda efanelekile nangamanzi aphephile abawathola ebangeni elingeqile ema-200m ukusuka emakhaya abo. Ngisho nakubantu asebekhulile sekulula manje kubona ukuthi bathole amanzi ngokwabo ngoba asetholakala eduzane namakhaya abo.

Kuzo zonke izinhlukano zamapayipi nasemapayipini amile kufakwe amavalvu avimbela ukubuya kwamanzi avumela ukuwamisa noma ukuwasa phezulu uma kunezimo eziphuthumayo njengokuphuka kukampompi noma ukuvuza kwepayipi ukuze izingxenye zamapayipi zivumele isimo sokuthi kusimamiswe, kulungiswe, noma kuxhunywe okusha kanye nokukwazi ukuwashonisa kwenye indawo amanzi emapayipini.

## KAFUSHANE NGEPHROJEKTHI

UMasipala Wendawo uMzimkhulu uyindawo yasemakhaya enezinga eliphezulu labantu abangasebenzi futhi abaningi futhi abantu baphila ezingeni lobubha. Kumanje abantu abakule ndawo okucwaningwa ngayo kumasipala wendawo bathembele emithonjeni yemvelo njengemichachazo, imifula neziphethu ukuthola amanzi abangawakha. Amanzi ezindaweni eziningi awahlanziwe futhi lokhu kungabanga lezi zindawo ukuba zivuleleke ezifweni ezifana nekholera nezinye ezitholakala emanzini. Izinga lamanzi ngokuvamile liphansi. Amanzi alethwa yipayipi elikhulu naqhamuka emapitsini isikhathi esiningi awabi bikho esimweni sokuthi angasetshenziswa. Ubuxhakaxhaka obusabalalisa amanzi obukhona bungaphansi kweinga elilindelekile lezinsizakalo okwenza abantu bagcine sebehambe ibanga elingaphezu kwelibekiwe lama-200m ukusuka emizini yabo.

## IQOQA ELIMQOKA

Umklano ohlongozwayo wemisebenzi nohlaka lokusebenza kwezigodi eziyisikhombisa (7) okuhlongozwa kulo mbiko kuzokwenziwa njengengxenye yesigaba sokuqala sephrojekthi kuthi izigodi ezisele zingene njengengxenye yesigaba sesibili sephrojekthi kuye ngokutholakala kwesabelomali. Izigodi eziyisikhombisa (7) okukhulunywa ngazo kulo mbiko zingaphansi kukaMasipala Wendawo uMzimkhulu ongomunye woMasipala Bendawo abane anangaphansi kweHGDM. UMasipala Wendawo uMzimkhulu uyindawo yasemakhaya kakhulu futhi ongaphansi kwaMakhosi. Abantu abahlala ezindaweni ezingamakhaya

basendaweni engama-90.8% kuthi engama-9.2% esele ibe enobudolobha. Abantu bezigodi eziyisikhombisa okucwaningwa ngabo kulo mbiko bayizi-11 200. Ngokombiko i-2018 Harry Gwala WSA: WSDP-IDP Water Sector Input Report, uMasipala Wendawo uMzimkhulu ungowesibili onamanani aphezulu emizi esalele emuva ngokuphakelwa amanzi eyizi-11 094 uma kuqhathaniswa nesamba sesisonke sezi-34 287 kuwo wonke uMasipala Wesifunda iHarry Gwala.

## INDAWO YEPHROJEKTHI

Iphrojekthi yohlelo lokusabalalisa amanzi eMzimkhulu lwakhiwe izigodi eziyisikhombisa. Ithebula elilandelayo likhombisa izigodi okukhulunywa ngazo embikweni.

*iThebula 2: Isigodi sitholakala lapha*

| No | iSigodi | iNdawo | | | uMasipala Wendawo |
|---|---|---|---|---|---|
| | | iLongithudi | iLathithudi | iWadi | |
| 1 | kwaDumisa | 29°43'37.31"E | 30°13'24.15"S | 6 | Umasipala Wendawo uMzimkhulu |
| 2 | eNkukhwini | 29°33'0.39"E | 30°10'13.02"S | 4 | |
| 3 | eSangweni | 29°29'42.45"E | 30° 5'52.76"S | 1 | |
| 4 | eMyembe | 29°46'40.83"E | 30°10'38.78"S | 21 | |
| 5 | eNgqokozweni | 29°50'42.30"E | 30°11'52.41"S | 7 | |
| 6 | eRietvlei, eMbuzweni, eRhuwaka | 29°49'17.74"E | 30°29'42.89"S | 12 | |
| 7 | eNonginqi | 29°34'3.64"E | 30°10'9.75"S | 4 | |

# UHLELO LUKASHWELE

IMeya kaMasipala Wesifunda iHarry Gwala iKhansela uZamo Nxumalo ugqugquzela zonke izakhamuzi ukuba zisebenzise uhlelo lukashwele oluhlinzekwa ngauMasipala ukuba kukhokhelwe izinsiza.
Kusukela ngoNhlangulana uMasipala ubusuqalile usebenzisa uHlelo Lukashwele ngenhloso yokuqinisa isiko lokukhokhela izindleko zamanzi nenhlanzeko.

Ngokwalokhu okungenhla uMasipala Wesifunda iHarry Gwala uthathe isinqumo sokunikeza ushwele kumakhasimende amanzi nenhlanzeko anama- akhawunti asalele emuva ngezinsuku ezili-180 nangaphezulu. Abakulesi simo befisa ukuhlomula kushwele kufanele beze emahhovisi kaMasipala okungaba seXobho, eMzimkhulu noma eKokstad ukuze bathole amafomu kashwele okuzothi uma sebeqede ukuwagcwalisa bese bewabuyisela emahhovisi lapho bewathole khona. Usuku lokuvala lukashwele ngumhla zingama-30 kuMandulo 2022.

IMeya uNxumalo ithe: "Amakhasimende ayakhuthazwa ukuba alisebenzise leli thuba likashwele. Uma ungenaso isiqiseko sokufanele ukwenze, iya emahhovisi uzoyithola incazelo," kusho iMeya uNxumalo.

Ushwele uzolawulwa kanje:

**1. Ama-akhawunti okukhokhwa ama-50% esikweletu sisonke ezinsukwini ezingama-30 emveni kokusayina amafomu esicelo sikashwele kuyosulwa ama-50% esikweletu esisele.**
**2. Ama-akhawunti okukhokhwa ama-50% esikweletu sisonke ezinsukwini ezingama-60 emveni kokusayina amafomu esicelo sikashwele kuyosulwa ama-40% esikweletu esisele.**
**3. Ama-akhawunti okukhokhwa ama-50% esikweletu sisonke ezinsukwini ezingama-90 emveni kokusayina amafomu esicelo sikashwele kuyosulwa ama-30% esikweletu esisele.**
**4. Ama-akhawunti okukhokhwa ama-50% esikweletu sisonke ezinsukwini ezingama-120 emveni kokusayina amafomu esicelo sikashwele kuyosulwa ama-20% esikweletu esisele.**
**5. Ama-akhawunti okukhokhwa ama-50% esikweletu sisonke ezinsukwini ezingama-150 emveni kokusayina amafomu esicelo sikashwele kuyosulwa ama-10% esikweletu esisele.**
**6. Amakhasimende ahlangabezana nezidingo zikashwele kodwa angakwazi ukuba kule minxa emihlanu (5) ebekiwe anikezwa ithuba lokuba abonisane noMasipala ngezindlela zokukhokha kuye ngemibandela ebekiwe efomini lezindlela zokukhokha isikweletu okutholakala emahhovisi kaMasipala eKokstad, eMzimkhulu noma eXobho.**
**7. Amakhasimende ayakhuthazwa ukuba alisebenzise leli thuba likashwele.**
**8. Ushwele ubeka ngaphandle aMakhansela kaMasipala, iminyango kaHulumeni nezinkampani zombuso.**

**BUZA:**

**kuVuyokazi Mfenqa (uMqondisi Wengenisomali) (039) 834 5529/8700**

**EHHOVISI LASEKOKSTAD**
**kuThando Mdlophane/Qinisile Mchunu (039) 727 2723**

**EHHOVISI LASEMZIMKULU**
**kuSiviwe Mseleku (039) 834 8783**
**kuNomathamsanqa Biyase (039) 834 8717**
**kuKhanyisile Mlaba (039) 259 0500**

**EHHOVISI ELIKHULU EXOBHO**
**kuSiviwe Mseleku (039) 834 8783**
**kuNomathamsanqa Biyase (039) 834 8717**
**kuMbalenhle Mzizi (039) 834 8772**

**EHHOVISI LASEDR. NKOSAZANA DLAMINI-ZUMA (INGWE NOKWASANI)**
**kuSiviwe Mseleku (039) 834 8783**
**kuNomathamsanqa Biyase (039) 834 8717**
**kuLwazi Mdladla (039) 834 8722**












**UPhiko Lwezokuxhumana kuMasipala Wesifunda iHarry Gwala lube nomhlangano nazo zonke izisebenzi ukuzikhumbuza ukuthi ukuxhumana nomphakathi kuseyingxenye yokuhlinzeka izinsizakalo. Abebe hambele lo mhlangano bathole ithuba lokubuza futhi babe yingxenye yokudingida.**

# UMhlangano Wokubonisana Kwezokuxhumana

UKUXHUMANA kubalulekile kunoma yimuphi umasipala njengoba kuhlinzeka umbiko ngokwenzekile ngezinhlelo zikamasipala futhi kukhuthaze ukuzibandakanya komphakathi kuHulumeni wendawo njengengxenye yezinqubo zokuthatha izinqumo ngokusebenzisa izikhali zokuxhumana ezifanele nezinqubo zokubandakanyeka komphakathi.

Yingakho uPhiko Lwezokuxhumana lukaMasipala Wesifunda iHarry Gwala lwenza imihlangano yokubonisana kuzo zonke izisebenzi ukuzikhumbuza ukuthi ukuxhumana nomphakathi kuseyingxenye yokuhlinzeka izinsizakalo.

UPhiko Lwezokuxhumana lubambe uMhlangano Wokubonisana Kwezokuxhumana kuzo zonke izisebenzi zikaMasipala Wesifunda iHarry Gwala ukuzifundisa nokuzazisa ngokuthi uphiko lwenzani kanye nobumqoka bokuxhumana kumasipala ngaphakathi nangaphandle.

Lo mhlangano wokubonisana wawunesidingo emveno kokubona isidingo sokubhekana nokxhumana ngaphakathi nokusebenzisa izinkundla zokuxhumana kuzo zonke izisebenzi.

Lo mhlangano wokubonisana ububanjelwe eSikhungweni Sezinhlakelele ngoNdasa. Yonke iminyango yabelwa isikhathi sokuwuthamela ngezikhathi ezahlukene.

IMeneja Yezokuxhumana uMnu uNdabezitha Tenza wahola okuqhubeka komhlangano wokubonisana ezisebenzini.

UMnu uTenza wagcizelela ukuthi kwakunesidingo zonke izisebenzi kufanele zazi ngayo yonke imigudu yokuxhumana kumasipala futhi bazijwayele izindlela zokuziphatha ezinkundleni zokuxhumana eziphathelene noMasipala.



UMasipala Wesifunda iHarry Gwala wethule izinsizakalo ezitholakala kulesi sifunda koSekela Ngqongqoshe kule Mbizo.





IBambelameneja kuMasipala Wesifunda iHarry Gwala uNkk uThobile MaThiyane Magaqa nowayenguMqondisi eMnyangweni Wezokusebenza uNks. uNeziswa Lungwengwe




USomlomo iKhansela uSibongiseni Mdunge ephawula ngesikhathi seMbizo

# Imbizo yomphakathi kuMasipla Wesifunda iHarry Gwala

USEKELA Ngqongqoshe Wezokuhlaliswa Kwabantu uPam Tshwete, ehambisana nabanye oSekela Ngqongqoshe wabiza Imbizo Yomphakathi exube iminyango ezinkundleni zemidlalo eKromhoek kuWadi 20, kuMasipala Wendawo uMzimkhulu kamuva. Kule mbizo baveza bacacisa ngezihlelo zikaMasipala Wesifunda iHarry Gwala (HGDM).

Abanye oNgqongqoshe ababekhona embizweni nguSekela Ngqongqoshe Wezimbiwa Namandla uDkt uNobuhle Nkabane, uSekela Ngqongqoshe Wezamahlathi Nokudoba Nezindaba Zezemvelo uNks uMakhotso Magdeline Sotyu, uSeke;a Ngqongqoshe Wezokubusa Ngokubambisana Nezindaba Zomdabu uMnu u-Obed Bapela ophethe Izindaba Zomdabu, uSekela Ngqongqoshe eHhovisi LikaMengameli uNks uPinky Kekana, uSekela Ngqongqoshe Wezolimo, Ukubuyiswa Komhlaba Nokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya uNks uNokuzola Capa, uSekela Ngqongqoshe Wamaphoyisa uMnu uCassel Mathale.

USekela Ngqongqoshe Wezemisebenzi Nezisebenzi uNks uBoitumelo Moloi noSekela Ngqongqoshe Wezokuthuthukisa Amabhizinisi Amancane uMnu uSdumo Dlamini nabo bebekhona.

Imbizo Yomphakathi idingide izindaba eziphathelene nokuhlaliswa kwabantu, ezolimo, ezokuphepha, ezokuthuthukisa umnotho, ezamanzi nenhlanzeko, ezemvelo nokuthuthukiswa kwabantu. Lokhu bekuyingxenye yokungenelela kukaHulumeni okuhloswe ngakho ukuphuthumisa ukuhlinzeka izinsizakalo kubantu ngokusebenzisa iDDM.

USomlomo kaMasipala Wesifunda iHarry Gwala uSibongiseni Mdunge, ngesikhathi amukekela izikhulu namalungu omphakathi ugcizelele ukuthi okubalulekile ukuba kusetshenziswane ekuletheni ukuhlinzeka izinsizaka kubantu bakuMasipala Wesifunda iHarry Gwala.

"Sisebenza ndawonye nemiphakathi nababambiqhaza ukuqinisekisa ukuthi siletha amanzi ahlanzekile naphuzekayo. ISifunda sethu sizama ngokusemandleni ukuthuthukisa imikhakha wezolimo nowokungcebeleka," kusho uSomlomo uMdunge.

Ilungu lomphakathi uNhlakanipho Mojaja obethamele imbizo uthe ube nenhlanhla yokuba yingxenye yohlelo ngoba lukhulume ngeznto ebizimkhathaza ekuqaleni ibhizinisi nokuthola ulwazi ngoxhaso lwezimali oluvela kuHulumeni.

"Le mbizo izosisiza ikakhulukazi labo abafuna ukuqala amabhizinisi abo, sithole ulwazi ngoxhaso lwezimali lukaHulumeni okusemqoka kithina ukuba sibe nolwazi ngakho," kusho uNhlakanipho.

# Indawo elungele ukuba kusetshenzwe kuyo



**Ukuzivocavoca kube yingxenye yosuku lokuzinakekela lapho izisebenzi zikhumule amasudi nothayi ukuba yingxenye yokuzivocavoca.**

UMASIPALA Wesifunda iHarry Gwala ngoLwesithathu zili-15 kuNhlangulana 2022, ubunoSuku Lokuzinakekela (Wellness Day) ehhovisi elikhulu eXobho njengengxenye eqhubekayo eyasungulwa yokuthuthukisa nokusimamisa ukuzinakekela kwezisebenzi ngokomoya, ngokomzimba nangokwezimali.

Lo msebenzi ubuhlanganiswa uMnyango Wezinsizakalo Kwezemisebenzi (Ezempilo Nokuphepha Emsebenzini) eSifundeni.

Abezempilo bebemenyiwe ukuba bahlole ushukela, umfutho wegazi, ubungako bamafutha egazini, amehlo kanye nokwelulekwa ngokuzikhethela ngesandulelangculaza nengculaza. Okunye obekwenziwa ngalolu suku ukufundiswa ngezezimali, ukuphatha ngezindlela ezahlukile emsebenzini, ukubonisa nogokulimala emsebenzini nosiza lokwelashwa kanye nokuzivocavoca.

Ekhuluma nezisebenzi uMqondisi woMnyango Wezinsizakalo Kwezemsebenzi uNks uNeziswa Lungwengwe, uthe: "USuku Lokuzinakekela Emsebenzini lusiza ekuthuthukiseni ukuziphatha kahle ngezindlela zokuphila ezifanele, futhi kwakha umuzwa wokusebenzisana njengethimba nesiko lokubumbana. Kuletha intokozo, impilo nokuxhumana nabanye kanye nokuvuseleleka ezisebenzini."

Ukhuthaze izisebenzi ukuba zisebenzise izinsizakalo ezihlinzekwa mahhala.

Ukuzinakekela ngokwezimali bekuyingxenye esemqoka kulo mgodla njengoba ukuba nezikweletu ngokweqile ezisebenzini kungaba nomthelela omubi emikhiqizweni emsebenzini.



**Izisebenzi zilalelisisa izeluleko ngezindaba zokuzinakekela.**



**Isikhulu seZempilo Nokuphepha Emsebenzini uXolo Mhlongo, sithatha isikhuthazimgomo sokhuvethe ngosuku lokuzinakekela eHhovisi Elikhulu.**



**Izisebenzi zikaMasipala wesifunda iHarry Gwala zibuthene eHhovisi Elikhulu eXobho ngosuku lokuzinakekela.**

